


UQOBO

 Ngiyabonga, Mfowethu Shakarian. Asibe silokhu simile okwemizuzwana embalwa. Ngiqinisekile, ezethamelini zalosayizi, ziningi izicelo, abantu abagulayo, abaswele, futhi ngakho-ke ake nje sikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje ngezwi lomkhuleko. Nasi izicelo eziningi zibekwe lapha, futhi, namaduku.

² Baba wethu waseZulwini, siza manje eGameni leNkosi uJesu, zazi lokhu, ukuthi Wethembisa ukuthi Uzokuzwa futhi uzophendula imikhuleko yethu. Futhi ngicela Wena ukuba ube nomusa kithina, ukuthethelela izono zethu. Futhi sifundisiwe, emBhalweni, ukuthi, “Wena uthethelela zonke izono, futhi uphulukisa zonke izifo zethu.” Futhi siyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi lokhu kuzokwenziwa kulentambama manje, ngokuba siyakucela eGameni leNkosi uJesu.

³ Phezu kwalamaduku nezicelo, siyafundiswa emiBhalweni, ukuthi kanjani, “Bathatha emzimbeni kaPawulu amaduku nezindwangu, nemimoya emibi yaphuma kubantu, futhi baphulukiswa.” Manje, Wena unguJesu ofanayo namhlanje. Futhi simi, ngobuningi, sicela ukuthi Uzopha lezi zinto.

⁴ Akukho, kungabaza, izicelo eziningi esakhiweni namuhla, zabantu abanengi abaswele kulelihora. Hlangabezana nezidingo zabo, Nkosi, kokubili ngokwenyama nangokomoya, ngokuba sicela lokhu eGameni likaJesu. Amen.

Kulungile. Ngiyabonga, mfowethu.

⁵ Sasivame ukucula iculo elincane, eminyakeni eyedlule, “Ukukhuluma Okuncane NoJesu Kuyakulungisa.” [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

⁶ Manje, ngikholwa ukuthi uMfowethu Williams usanda nje kusho ukuthi kukhona ukudla kwasekuseni kulokhukusa. Futhi manje, Angikholwa ukuthi ngike ngezwa lapho kuzoba khona ngonyaka ozayo. [Umfowethu uthi, “Lapha.”—Umhl.] Khona—khona lapha futhi. Khona—khona lapha futhi. Awu, leyo yindawo efanayo. Indawo efanayo, lokho kulungile kakhulu. Yebo. Lokho impela . . .

⁷ Amadoda abefanele ukukhonza eJerusalema, yiTucson leyo, hhayi—hhayi phansi lapha. Niyabo? [Ibandla liyahleka—Umhl.] Manje, usezansi ngaphansi kwegquma. IJeriko lingaphansi kwentaba, ukusuka eJerusalema, niyazi. Ngakho-ke, lelo iJerusalema ezansi lapho. Niyabo? [Ibandla liyahleka. Umfowethu wabe esethi, “Silindele—silindele isimangaliso esikhulu ngaleya.”] Ngabe ukuzwile lokho na?

⁸ Ngakho-ke, “Abantu kufanele bakhonze uNkulunkulu, yonke indawo,” kwasho uJesu, niyazi. “Hhayi eJerusalema, noma lapha kulentaba, kodwa Mkhonze ngoMoya nangeQiniso.” Leyo yinto esemqoka, “NgoMoya nangeQiniso.”

⁹ Manje, mina, imvamisa, uma ngikhuluma, ngivele nginense kakhulu. Ngi-ngangazisa uMfowethu Velmer Gardner, ngobunye ubusuku, wayengakhuphukela lapha abeke ngaphezulu ngemizuzu eyishumi nanhlanu kunalokho engingakufaka emahoreni amathathu. He!

¹⁰ A—angazi noma ngake nganitshela lokhu noma qha. Ngenkathi ngangiyi—inganyana, ngi...ubaba wami wayengumgibeli, niyazi. Wayevame ukugibela amahhashi futhi awafundise, alandele umdlalo wokugibela wamakhawa, ukudubula, ukudubula okunzima. Futhi u...ngacabanga, niyazi, lapho sengiba neminyaka cishe eyishumi nambili ubudala, bengifanele ukulandela ubabayi wami. Ngakho-ke lapho babelima ngehhashi elidala, phandle lapho e-Indiana, niyazi, laze lakhathala kakhulu langabe lisakwazi nokunyakaza kanzima. Ngi-ngangizothola ubabayi wami, lapho enza umjikelezo ngegeja, niyazi, indlela ngaphandle kwensimu. Futhi ngangifika ezansi lapho lapho babenokokunisela okudala okwenziwe ngogodo.

¹¹ Bangaki abake babona okunye kwaleyonto yokuphuzela izilwane na? Ndoda, bheka abaKentucky ophakathi lapha!

¹² Ngakho-ke, o, ngangijwayele ukuba nesikhathi esimnandi, ngehle ngibeke izinwele zamahhashi emanzini, niyazi, bukani kuphenduka, lokho esasikubiza, “inyoka yonwele lwehhashi.” Yilokho okuncane...Niyazi, kuthinte, bese-ke kuyohamba. Nezinyosi... .

¹³ Ngangilanda abafowethu abancane nabo bonke, ngibahlalise ngalapho ezansi lapho. Futhi ngikhiphe ihhashi elidala lokulima, niyazi, bese ngidluthula amahhanisi kulo masinyane impela, bese ngithola isihlalo sehhashi sikababa, idlanzana logudluthukela bese ngiwubeka phezulu ngaphansi kwesihlalo sehhashi, bese ngehlisa ibhinde lokubopha isihlalo sehhashi. Nginga—ngingagxumela phezulu lapho. Ihhashi bandla, elidala nelikhathele, futhi alikwazanga ukususa izinyawo zalo emhlabathini. Lalibhonga nje, niyazi. Futhi ngangiphonsa lesi sigqoko ngapha nangapha. He! Ngangicabanga ukuthi ngangingumgibeli.

¹⁴ Futhi ngangicabanga ukuthi nonke naningidinga ngaphandle lapho, phandle e-Arizona, ukufundisa amahhashi enu, niyazi. Ngakho-ke, cishe iminyaka eyishumi nesikhombisa, eyishumi nesishiyagalombili ubudala, ngabaleka, ngaphumela phandle lapha ngalapho ababen—nomdlalo wokugibela wamakhawa. Awu, ngacabanga, “Ndoda, uma

nje bengingangena kulowomdlalo wokugibela wamakhawa, ngiyobagibelela amahhashi. Ngizokwenza imali ethile.”

¹⁵ Ngakho-ke, ngiyakhumbula, umgibeli wokuqala waphuma. Wayegibel lelo elalibizwa...Ngikholwa ukuthi balibiza, “UMdlwembe waseKansas.” Liyihhashi elikhulukazi, umfo omkhulu omnyama ongangezandla eziyishumi nesikhombisa ukuphakama. Usinda ngempela, ihhashi elinamandla. Ngacabanga, “Awu, uma lowomfo engakwazi ukuligibela, kanjalo nami ngingakwazi.” Futhi lomgibeli owaziwayo waphumela lapho.

¹⁶ Futhi ngangizihlalele ngaphandle kwesibaya, niyazi, nepeni lapho onke lamakhawa onakele, niyazi. Ngangingonakele impela njengawo, kepha ngangicabanga ukuthi ngangiwumgibeli omuhle. Ngakho-ke ba...ngangigibele lelohhashi elidala lokulima, futhi kungani bengingekwazi ukugibela lelo na?

¹⁷ Ngakho-ke lapho ephuma esikhunjeni, indoda, lelo hhashi lingabeka zonke izinyawo ezine epanini lokuwasha. Lenze uhlobo lwenhlanzi enemibala ecacile futhi liphotshana lizungeze lapho, izikhathi ezimbalwa. Futhi isihlalo sehhashi sahamba ngenye indlela, nomgibeli waya ngenye. Futhi abalandayo bathola ihhashi, ne-ambulensi yathola umgibeli. Ngazi ukuthi kwakungelona lelohhashi elidala lokulima engangivame ukuligibela.

¹⁸ Omemezelayo weza wehla, wathi, “Ngizonikeza noma yimuphi umuntu,” wathi, “amashumi amahlanu amadola.” Leyo kwakuyimali eningi ngaleso sikhathi. “Amashumi amahlanu amadola, ongaligibela, imizuzwana eminingi *kangaka* kulo.” Futhi wa...ngi—ngangiqhaq hazela nje. Uza kimi wayesethi, “Ungumgibeli na?”

Ngathi, “Qhabo, mnumzane.”

¹⁹ Ngenkathi ngiqala ukusindiswa futhi ngagcotshwa, ibandla iMissionary Baptisti, ngangijwayele ukuphatha iBhayibheli ngizungeze, niyazi, futhi ngangifuna umuntu othile angibuze ukuthi ngangingumshumayeli yini, niyazi. Kepha ngaso sonke sikhathi, omunye umuntu uthi, “Wena ungumshumayeli na?”

Ngingathi, “Impela.”

²⁰ Ngelinye ilanga ngangingaleya eSt. Louis. Ngangisanda kuhlanguana nomfowethu ongumBaptisti, futhi ngangingaleya eSt. Louis. Futhi ngezwa umfo ogama lakhe linguRobert Daugherty. Iningi lenu lingahle limazi. Futhi wayesemhlanganweni wetende. Wayengumfowethu wePentecostal. He! Leyondoda yashumayela yaze yaba luhlaza okwesibhakabhaka ebusweni. Futhi ya—ya—yashumayela nje yaze nje yacwila phansi. Wawungayizwa ibamba umoya wayo, yayiqhele ngezindlu zasedolobheni ezimbili, ingenambhobho, futhi. Futhi ivele ibambe umoya wayo, bese ibuya phezulu, ishumayela.

Kusukela ngaleyonkathi, omunye umuntu uthi, “Wena ungumshumayeli na?”

²¹ Ngathi, “Qha. Ngi—ngikhulekela abagulayo nje.” [UMfowethu Branham nebandla bayahleka—Umhl.]

²² Izindlela zami ezindala, ezihamba kancane zeBaptisti azikucabangi ngokushesha lokho, ngakho-ke ngibezezeleleni nje, niyazi. Futhi niyazi ukuthi kungumBhalo, okuthiwa “ukubezezelela ababuthakathaka,” ngakho-ke yimi lowo. Ngakho-ke ngiyabonga ukuthi nonke nizamile ukwenza lokho kuleliviki, futhi nenze umsebenzi omuhle impela. Ihora leshumi nqo ebusuku, ngenkathi ngangifanele ukuba sembhedeni nasekhaya, futhi ngingicine ngaphandle.

²³ Kepha, impela, kule ntambama, ngizozama ukushesha futhi ngiphume khona manje. Nginokushayela okuningi engifanele ngikwenze kulentambama, ukuze ngibuye lapha ekuseni.

²⁴ Futhi, ngakho-ke, ngi—ngiyanazisa, empeleni. Futhi uma ngingalitholi ithuba ukusho lokhu nghanoma yisiphi esinye isikhathi, ngiyanibonga, kakhulu, ngamunye, nonke nina befundisi, nani Christian Businessmen. Kunjalo, injabulo ngempela, ukuba wena ungimeme, futhi mangize lapha bese ngifaka ipulagi lami elincane kanye nani bazalwane. UMfowethu Shakarian, uMfowethu Williams, nawo onke a—amadoda. Ngiyabonga impela.

²⁵ Futhi kungani ungashongo ukuthi “amen” esikhashaneni esedlule, Tony, ngenkathi ngikhuluma mayelana neTucson ba? Angizange ngimuzwe. Lowo ngumzingeli ongono kunabo bonke e-Arizona lapho ngise-Indiana, niyabo, kodwa lokho kungemuva kokuba ngiye e-Indiana. Nisibonile isithombe sakhe ephepheni ngolunye usuku na? Lapho... Sidingeka sikushintshile lokho, Tony.

²⁶ Ngakho-ke manje, khumbulani, kusasa ebusuku, idili e... noMfowethu Oral Roberts.

²⁷ Futhi, manje, ngaphambi kokuba sisondele eZwini. Ngi—bengizokhuluma namhlanje ntambama ngo *Ukubala Ngokuhlehla*. Futhi ngacabanga ukuthi—ukuthi ngizongena lapha, ubusazohlala lapha ngehora lesikhombisa nqo. O, o, ngalokho isayensi ekwazile ukukwenza, nangalokho uNkulunkulu akwazile ukukwenza, niyabo. Futhi ngakho-ke siphila onyakeni owehlukile kunesasiphila kuwo, ngokubili okwenyama nangokomoya. Ngakho-ke si—siyabonga ngempumelelo yethu emazingeni okomoya, ngokufanayo nesayensi kwezabo—kwezabo izindawo eziphathekayo, emazingeni esayensi. Manje ake thina, uma ningenankinga, futhi... .

²⁸ Niyazi, ungangahle ucule kakhulu. Angikuboni neze ukuthi ubungakwenza kanjani, ukuba ubucula njengekhwaya kaMfowethu Outlaw, esikhashaneni esedlule, ngenkathi ngimi

lapho ngibalalele, bayahamba, “Phezulu, phezulu, phezulu, phezulu.” Futhi, kepha, kanti futhi, ungahle udle kakhulu. Ungahle uphuze kakhulu. Ungahle usebenze kakhulu. Kepha angicabangi ukuthi ungakhuleka kakhulu. IBhayibheli lathi, “Ngingathanda ukuba amadoda akhuleke kuyo yonke indawo, ephakamisa izandla ezingcwele.” Niyabo?

Ngakho-ke asikhothamise amakhanda ethu futhi, umzuzwana nje.

²⁹ Baba waseZulwini, si—siyathanda ukukhuluma naWe. Futhi ngicabanga ngamadoda, ukuthi ngithanda kanjani, ukwazi ukuthi basedolobheni, ukubaxhawula nokukhuluma nabo nje. Sonke sinayo leyo mizwa. Futhi kukhulu kakhulu kangakanani ukuba nenhlanhla yokukhuluma naWe, Nkosi yethu noMsindisi wethu! Futhi izinhliziyo zethu zishaya, ukuba sibe sebukhoneni nomunye nomunye, bese kuthi-ke kakhulu kangakanani lapho sazi ukuthi sisebukhoneni baKho bobuNkulunkulu!

³⁰ Futhi siyazi Wena ulapha, ngoba Wathi, “Nomaphi.” Uma kusemhlabeni wonke, noma emhlabeni jikelele, noma ngabe kungaba kuphi, “Lapho kubuthene ababili noma ngaphezulu eGameni laMi Ngiyoba khona phakathi kwabo.” Futhi siyazi ukuthi lowo mBhalo ungehluleke. Leso sithembiso singesobuNkulunkulu. Kwavela ezindebeni zoMsindisi. Futhi ngakho-ke, mhlawumbe siyi...unembeza wethu kanye nokwethu...Isono sokungakholwa kwethu sesisehlukanisile, kude kakhulu, ukuthi singangakwazi ukubona Wena ulapha. Kepha Wena ulapha ngokufanayo nje, ngoba Wena ugcina isithembiso saKho.

³¹ Futhi manje, Wena wathi, “Uma becela noma yini, njengokuthinta okukodwa futhi bayophiwa kona.” Futhi, Baba, i—into enkulu kunazo zonke engingacabanga ngayo, ngalesi sikhathi nje nakulezi zethameli ukuthi, sondle, Nkosi, ngeMana kamoya evela kuNkulunkulu, ivela eZulwini. Siphe khona, Nkosi. Sondle ngeZwi laKho. “IZwi laKho liyiQiniso.” “Futhi umuntu akayikuphila ngesinkwa sodwa, kodwa ngawo wonke amaZwi avela emlonjeni kaNkulunkulu.” Futhi sisaLifunda, kwangathi uMoya oNgcwele ungaLithatha ulibeke enhliziyweni ngayinye, futhi Wahlukanise phakathi kwethu namuhla njengoba sinesidingo, ngokuba sikucela eGameni likaJesu, iNdodana yaKho. Amen.

³² Manje, njengezikhathi eziningi, njengoba ngishilo, abefundisi nabantu, siyalalalana omunye ekhuluma. Futhi sibhala phansi indikimba yomBhalo omunye umfundisi akhulume ngakho, noma omunye. Futhi—futhi ngenza lokho njalo njalo, ngehla ngomgwaqo. Ngiphethe ishidi lephepha elincane, incwadi encane, ihleli eceleni kwami... ohlangothini lwami. NomBhalo uyofika phezu kwengqondo yami, ngikubhalabhala phansi lokho. Futhi into yokuqala

uyazi. . . Manje, nonke ninecala lalokho, asinalo na? Siyakwenza lokho. Bese kuthi-ke, emva kwesikhashana, uMoya oNgcwele uzokuphilisa lokho kithi. Futhi sithola omunye umcabango, bese-ke ngivele ngifanele ngishaye eceleni komgwaqo bese ngibhalabhala phansi ezinye izinto.

³³ Futhi—futhi yileyo ndlela, ngakho-ke, uma ngifika esikhathini sokukhuluma, ngizobuyela emuva kulezo zinto. Ngizoya ukuyocabanga, bese ngisebenzisa ezinye izinkomba zemiBhalo, bese-ke ngibhala phansi lezo zinkomba zemiBhalo. Bese kuthi-ke lapho ngiphendukela kuyo, ngiyakukhumbula lokho okushiwo ngumBhalo, bese-ke ngikhuluma kusuka lapho. Sonke senza ngaleyo ndlela ikakhulukazi.

³⁴ Manje sengizofunda cishe nje ivesi, elivela eNcwadini kaFilipi futhi. Bengifunda kwabaseFilipi ngobunye ubusuku, ngaphezulu. . . ubusuku bangoLwesithathu bonke noMfowethu Shores kwi-Assemblies of God, ngenkathi ngikhuluma ngendaba ethi *Ukubandakanywa NaYe*. Futhi manje ngifuna ukufunda esahlukweni 1 sabaseFilipi, okwalentambama, cishe ivesi 20. Futhi manje ake silalele ngomkhuleko njengoba sifunda.

Njengokulindela nokwethemba kwami, ukuthi ayikho into engizakujabhiswa kuyo, kepha okuyisibindi, isibindi sonke, . . . njengasezikhathini zonke, namanje uKristu uyakubonakaliswa emzimbeni wami, nokuba kungokuphila, nokuba kungokufa.

Ngokuba kimina ukuphila kunguKristu, ukufa kuyinzuzo.

Kepha uma ukuphila enyameni, kuyisithelo somsebenzi kimi: angisakwazi engizakukukhetha.

³⁵ Bengicabanga ngalokhu, futhi ngacabanga ukuthi ngizosebenzisa umcabango omncane ojwayelekile, izwi nje.

³⁶ Wena uthi, “Mfowethu Branham, ‘izwi,’ ngalokhu, mhlawumbe inkulungwane yabantu abahlezi lapha?” Nje ‘izwi?’” Awu, uma kunguhlobo olulungile lwezwi. Niyabo?

³⁷ Futhi ngifuna ukuzama, uma uMoya oNgcwele, Lowo Osigqugquzelayo, ukwakha encane, ukuthola ingqikithi encane ngasendikimbeni yami. Ngifuna ukuyibiza ngokuthi: *UQobo*.

³⁸ *UQobo*. Manje, bengibheka kwisichazamazwi, ukuthola. Ngenkathi ngibheka igama, *ukubandakanywa*, ngingena kuleligama, *uqobo*. Futhi *uqobo*, ngokwesichazamazwi iWebster, kungukuthi, kuthi “kuphelele ngokwakho; amandla angenamkhawulo; ngokokuqala kokugcina.”

³⁹ *UQobo*. Lisetshenziswe izikhathi eziningi. Yi “zwi lokugcina” Ngu “amen.” Uzwa abantu bethi, “Ngokoqobo, yilokho kuphela.” Lokho “kuyinto yokugcina.” Ku—ku “ngokungenamkhawulo.” Niyabo? Lokho, lokho kuthatha

“kusukela lapha kuqhubeke.” A “lukho olunye olusendleleni yakho.” Ku—ku “phakeme.” Kungo “kokugcina.” Futhi okokugcina, lapho, ngokokuqala kokugcina, ngoba usu “finyelele ekugcineni.” Ku “ngu amen.” Yilokho kuphela.

⁴⁰ Manje, noma yikuphi, futhi uboshelwe kuyo yonke impumelelo enkulu, bekulokhu kuluqobo. Kuwo wonke umuntu, nayo yonke into eyenziwe, noma eyenziwe, njalo, kube nokuxhumeke ngokuphelele nakho. Kufanele kube khona okuthile, ngoba kuyisigxobo-sokubophela sokugcina. Futhi umuntu akakwazi, lutho nhlobo, bazuze noma yini kuze kufike ndawo lapho lapho bebona khona ukuthi kukhona uqobo.

⁴¹ Ngesinye isikhathi, e—ehhovisi likadokotela, ngangikhuluma nodokotela. Futhi wathi, “Awu, ngi—ngiyakutshela, Billy.” Wathi, “Kuyiqiniso ukuthi—ukuthi ngiyakholwa ukuthi umuntu angazehlukanisela ukukholwa okwenele, ukuthi akwazi ukuphuma lapha futhi athinte lesi sihlahla futhi aphulukiswe.”

⁴² Ngathi, “Kodwa, dokotela, umuntu ubengazehlukanisela kanjani ukhoho olwanele ukuba athinte isihlahla bese aphulukiswe na? Niyabo? Ngoba, akukho ukwesekela kulokho. Ayikho—ayikho indawo ongakubophela kuyo, ngoba a—akusikho—akusikho, ngokomthetho, isisekelo.”

⁴³ Kodwa ufanele ube nokuthile ongabophela kukho, ukwazi ukuthi Lokhu yikho. Lokho ngukuthi . . . Izinto eziningi ezincane zingaholela kukho, kodwa leLo yiZwi lokugcina, okokugcina. Yingakho—ke bengihlala ngikholelwa e—eZwini.

⁴⁴ Futhi ngiyazi, mhlawumbe ubufakazi obuncane obuza enhliziyweni yami nje manje, kungahle kungafaneleki kahle, kepha ngi—ngiyethemba ukuthi ngeke ku—kunicasule. Nomkami ehlezi lapho, futhi, o, abaningi lapha, bayazi ukuthi lokho yiqiniso. Bekukhona . . .

⁴⁵ Ngangivame ukuhamba ne—ne—nenekazi eliselincane elalise . . . lisuka ebandleni leBaptisti eMilltown, e-Indiana, engangingumelusi kulo. Futhi inekazi eliselincane lalike lisemihlanganweni futhi labona okwenziwe uNkulunkulu. Futhi, o, sasingabangani nje, singabangane abahle nje. Futhi kamuva sobabili . . . Lona lashada nensizwa esencane. Futhi—futhi—ke, kamuva, ngashada. Futhi asibonananga, iminyaka.

⁴⁶ Uyise wayengumngane wami omkhulu. Igama lakhe kwakungu Lee, uMarion Lee. Futhi ngiyakhumbula, ngobunye ubusuku, umBhalo, akakwazanga—akakwazanga ukuKulungisa. Wathi, “Mfowethu Branham, a—angikungabazi. Kodwa,” wathi, “uyazi, bengihlala ngikufundiswa *lokhu*.” Yena wayengu—wayengumNazarene. Futhi wathi, “Ngi—ngifundiswe *lokhu*. Futhi ngiyahluleka nje ukuLiqonda.” Futhi wayengumbazi.

⁴⁷ Ngaya ekhaya naye, ngobunye ubusuku, futhi wathi, “Ngiyakutshela. Ngenkathi uNorma nabo besakhuphukela esitezi esiphezulu,” washo, “ake—ake sizame ukudla kancane. Sathola isinkwa sommbila nobisi lwebhotela.” Kumnandi ngempela lokho. Futhi ngakho-ke si... Ngingakwazi ukukuphatha ngobulungiswa khona manje.

⁴⁸ Ngangingadli cishe amasonto amathathu lapha, okuncane nje, manje futhi-ke, ukuze ngibe seqophelweni eliphezulu leNkosi yami.

⁴⁹ Futhi manje, sathola ingilazi enkulu yobisi lwebhotela olubandayo oluphuma endlini yasentwasahlobo, nocezu olukhulu lwesinkwa sommbila esibandayo. Futhi sahlala phansi, futhi saququda lesi sinkwa sommbila phezulu lapho, sasidla. Futhi wathi, “Billy, angikutholi nje Lokho okhuluma ngakho.”

⁵⁰ Ngakho-ke, sa—saya kolala. Cishe, sekusebusuku kakhulu, yena . . . Saxoxa kwaze kwashaya ihora lokuqala nqo. Ngahamba ngayolala kuye. Futhi wa—wavuka, wayesethi, “Ngi—ngiphuphe ngathi ngangakha isakhiwo enhla e—eNew Albany, futhi indoda yangishiyela ipulani. Yaya eFlorida. Futhi yayine, kulepulani, yayinefasitela eliphumele phandle. Futhi ngathi, ‘Leyondoda ayilifuni ifasitela eliphumele ngaphandle laphaya,’ ngakho-ke ngavele ngalivala. Futhi ngathi, ‘Lapho indoda ibuya, yathi, ‘Ngeke ngikukhokhele ngalesi sakhiwo uze usidilize futhi usakhe kabusha ngokusho kwalepulani.’”

⁵¹ Ngathi, “Kukhona umfula khona lapha phansi. Awukude kakhulu. Ngakho-ke, awufuni ukudiliza okuthile ekugcineni komgwaqo. Ungenzeka ungabi naso isikhathi.”

Wathi, “Ngabe konke kulungile ngigqoke izingubo zokulala na?”

Ngathi, “Nami, futhi. Asambe.” Ngakho-ke sehla.

⁵² Ngakho-ke indodakazi yakhe yathola ngempela, ukuduma ngempela, nabazukulu bayo, ekuculeni.

⁵³ Futhi ba—babengama-United Brethren. Indodakazi yakhe ishadi, umfundisi we-United Brethren, noma indodana yomfundisi. Futhi lomfana, umfo omuhle, wayengumakhenikha phezulu osebenza esikebheni. Futhi intombazanyana izama ukuphilela uKristu. Kwaba nengcindezi enkulu kubo.

⁵⁴ Babengabantwana abahlakaniphe kakhulu. Omunye wabo, eneminyaka eyishumi nesikhombisa ubudala, wayefundisa umculo. Wayegogodile, futhi wayeyintombazane ehlakaniphile.

⁵⁵ Futhi ngakho-ke lomfo omncane akakwazanga ukumelana nengcindezi yokugconwa, uthi babemtshela ukuthi wayeyimfashini endala, kanjalonjalo. Futhi emva kwesikhashana, ingane yahlukumezeka.

56 Ba—bamyisa, kulokho abakubiza ngokuthi, Our Lady of Peace, isikhungo samaKatolika eLouisville, sokwelashelwa ukwethuka. Futhi bamnika . . .

57 Isizathu, lokho kudubula ebumnyameni. Uma kukhona udokotela lapha, ngiyethemba angikukhubekisi ngalokho. Kepha kwezinye izikhathi kuyabenza babe babi kakhulu kunakuqala.

58 Futhi ngakho-ke mnikeze ukwelashwa kokwethuka, futhi kwenza umntwana waba mumbi kakhulu. Ngakho-ke bambuyisela ekhaya. Amaviki ambalwa, kwakufanele bambuyise futhi, futhi wayesesimweni esibi ngempela ngaleso sikhathi. Ngakho-ke bamgcina, futhi bazama ukumelapha ngaleya, okwesikhashana impela, futhi waba mubi kakhulu.

59 Futhi ngakho-ke ezinsukwini ezintathu kusukela lapho, babezomthatha bamyise eMadison. Leso isikhungo sezinhlanya lapho be—bebafaka egumbini lasesibhedlela elixilile, kusukela lapho.

60 Ngakho-ke umama wathi, “Asehluliwe.” Futhi wathi, “Sizobona ukuthi singamthola yini uMfowethu Branham ukuba eze futhi amkhulekela, uma esekhaya.”

61 Ngakho-ke bashaya ucingo, futhi kwenzeka ukuthi ngangisekhaya. Ngakho-ke weza ukuzongibona, wathi, “Mfowethu Branham, uzodlula, umkhulekele na?”

Ngathi, “Impela.”

62 Ngakho-ke wabiza udokotela. Futhi udokotela wathi, “Ubani lo obeza na?” Ngakho-ke wamthshela ukuthi kwakuyimi. Futhi wathi, “Awu, ngizokutshela, linda.” Wathi, “Sizo—sizo . . . Uphinde ungishaye ucingo, namhlanje ntambama.”

63 Awu, washaya ucingo, kwaze kwashaya ihora lokuqala ekuseni. Unkosikazi wakhe wayelokhu ethi, “Akekho.” Ngakusasa ekuseni washaya ucingo. “Akekho.” Ngosuku lwesithathu babezomukisa umntwana.

64 Ngakho-ke, ngi—ngiyakuzonda ukusho lokhu, kodwa nginendlela yokwazi. Udokotela wayebalekela udaba nje. Niyabo? Ngakho-ke ubaba waba nokuguliswa yimizwa impela. Ngangifanele ngihambe ngosuku olulandelayo, ukushiya phansi. Sasinalolosuku kuphela.

65 Ngakho-ke umama nobaba, nabanye odadewabo ababili, bayakhuphuka, bekhala, bathi, “U, uyabaleka nje.”

66 Ngathi, “Impela, unjalo. Kepha ngiyakutshela. Ungasho ukuthi ngingumfundisi. Vele nje ungivumele ngiye ngale njengomngani, ngihamba nawe nje.”

67 Ngakho-ke sangena esikhungweni. Niyazi, bakukhiyela iminyango, bese bekukhuphula ngekheshi, bese bekhiya ikheshi. Ngakho-ke . . . Futhi lo dade wayesikhuphula.

68 Futhi safika egumbini, sase sihlala phansi eceleni kombhede. Futhi lapho lelonenekazi elincane elihle ngempela, cishe ishumi nesithupha nento ethize, lihleli lapho, lingasekho ngokuphelele. Wena . . . Yena, egqolozele nje. Wawungavayizisa izandla zakho, futhi wayengeke ngisho akuqaphele.

69 Futhi ngathi kuye, “Ruthie, ngabe—ngabe uyangikhumbula na?” Ngathi, “Ngi—ngi—nginguMfowethu Branham.” Ngathi, “Wawuvamise ukungibiza ngoBro’der Bill.” Ngathi, “Ngi—ngakwethulela kuKristu, emqulwini wamalunga abantwana. Awungikhumbuli na?”

70 Wavele wama wase ebuka. O, intombazane enhle; futhi bobathathu, kwakungabacula ngabathathu, odade abathathu. Futhi ngazama ukumnakisa, futhi a—angikwazanga ukukwenza. Wayegqolozele. Wayesehambile nje.

71 Futhi ngahlala lapho. Futhi ngi . . . Babengenayo insika embhedeni kulezo zindawo, niyazi, ngoba ibavimbela ukuba balimale. Futhi ngahlala ngaphesheya, unyawo lombhede. Umama wahlala, olunye uhlangothi lombhede omncane, lona omncane, umbhede woyedwa kuleligumbi elincane. Futhi intombazane yayihlezi komncane, njengesihlalo esincane esakhelwe odongeni. Nodade esukuma, futhi ubaba wayemi ngasentombazaneni.

72 Futhi unina wayemi lapho, futhi izinyembezi zigeleza ezihlathini zakhe. Wathi, “Uyabona, Billy? Yini—yini esingayenza na?”

Ngathi, “Awu, lalela, Norma. UKristu usenguKristu.” Niyabo?

73 Wathi, “Leli bekuyithuba lethu lokugcina.” Wathi, “Uma bemkhuphulela lapho, uyakwazi okuzokwenzeka.” Wathi, “Ngeke simbone nhlobo, ngiqagele, futhi. Futhi uma senza, niyazi ukuthi kanjani, u—ukwelashwa abakuthola lapho.”

74 Futhi ngathi, “Awu, Norma, asingaxhuxhumi.” Ngathi, “Asilinde nje—nje imizuzu embalwa.” Bese kuthi-ke, kungakapholi maseko kushiwo lokho, nakho kumi intombazane phambi kwami, embonweni, ikahle ngokujwayelekile, imamatheka. Futhi yayibukeka ngasensizweni. Futhi ngabheka le nsizwa esencane.

75 Ngabheka emuva. Umbono wangishiya. Ngathi, “Norma, unalo isoka, othe ukuba mude onezinwele ezimnyama ezinde na?”

“Yebo.”

Ngathi, “Ngabe kukhona akwenzayo nabo ekuculeni na?”

Wathi, “Yebo. Kunjalo.”

76 Ngathi, “Ungakhathazeki. Ngino ISHO KANJE INKOSI. Uyaphuma kuwo.”

77 UNorma waphonsa izandla zakhe wangibamba ngasedolweni, wabheka phezulu kumyeni wakhe, wathi, “S’thandwa, akulokothi kube yiphutha.” Wathi, “Akulokothi kube yiphutha.”

78 Intombazane ayizange iguquke nakancane. Ngathi, “Kulungile, Norma. Uyazi ukuthi bengingeke ngikutshele lokho manje ngaphandle kokuthi ngikubonile. NoNkulunkulu ngeke aqambe amanga.” Niyabo? Ngaphuma esibhedlela ngangena emotweni yami uqobo. Bahlala.

79 Futhi cishe amahora amabili kusukela lapho, ucingo lwalukhala nje, ngenkathi ngikhuphuka ngivela kuMnu. Wood, ezansi ngezansi. Futhi kwakungubaba wakhe. Wayekade esocingweni. Yena wathi, “Mfowethu Branham, nginokuthile ukuba ngikutshele khona.” Wathi, “Ubungakahambi imizuzu engamashumi amabili, waze waswanguluka, ngokujwayelekile. Futhi uxilongwe yibo bonke abasebenzi abangodokotela. Simyisa ekhaya ekuseni.”

80 Futhi manje, niyabo, manje ucula etabernakele manje. Manje, kukhona abesilisa nabesifazane lapha, abavela—abavela eJeffersonville lapho, abaaziyo ukuthi leyondaba iyiqiniso. Uma uphakathi lapha kulentambama, phakamisa izandla zakho, bangaki abazi leyondaba na? Yebo. Niyabo? Nxazonke, owaziyo ukuthi kuyiqiniso, iqiniso ngokuphelele.

81 Manje, kwakuyini na? Lelonenekazi elincane lasebenzisa lowombono njengo—njengoqobo, okokugcina. Niyabo?

82 Unakho, kukho konke, ufanele ube nokuthile ongabophela kukho. Futhi bengilokhu ngisebenzisa iZwi likaNkulunkulu, ngoba ayikho enye insika yokuphela engiyaziyo, enkulu kangako, ngoba “Kodlula kokubili amazulu nomhlaba,” kwasho uJesu, “kepha iZwi laMi alisoze lehluleka.” Insika yokubophela enje pho!

83 Manje, uPawulu wayenempilo egxile kuKristu. Yena... Lokho ngukuthi, uKristu, wayeluoqobo lukaPawulu.

84 Waye—wayekade enguthisha omkhulu, uPawulu wayekade enguye. Wafundiswa ngaphansi kukaGamaliyeli. Futhi wayengumfundisi omkhulu, owakhe, ngaphansi kwehlelo lesendlalelo sakhe somFarisi. Futhi wafundiswa, wafunda, futhi wayenesindlalelo esihle kakhulu.

85 Ngiyacabanga, lapho esemukele uMoya oNgcwele, futhi wehlela eGibhithe iminyaka emithathu, Ngicabanga ukuthi kufanele ukuthi yilapho athatha khona umBhalo futhi waWuqhathanisa nesambulo ayekade enaso, ukuze abone ukuthi Laliqinisile yini. Futhi niyayazi incwadi enkulu, edumile, yamaHeberu, akekho omunye owayengayibhala ngaphandle kukaPawulu, ngoba wayazi ukuthi kanjani, lezo zifanekiselo nezinto ezifuziselayo. Yeka isifundo esihle pho!

⁸⁶ Futhi manje, uPawulu wayehlangane noJesu ngolunye usuku. Wahlangana no...Wahlangana naYe, ubuso nobuso, endleleni yaseDamaseku ngenkathi wayehla ukuyohlupha amaKristu.

⁸⁷ I—sixelwanguhwangu esikhulu sisongela izinsongo ezinkulu, nokwenza izinto ngokumelene neBandla likaNkulunkulu, elenza inhlekelele yaLo, ngisho nokuLishushisa kuze kube sekufeni. Futhi ngolunye usuku emgwaqeni owehlayo...

⁸⁸ Isizathu sokuthi wayenalempilo egxile kuKristu kungenxa yokuthi yena, uqobo, manje ebeka eceleni imfundiso yakhe, yena uqobo wahlangana mathupha noKristu.

⁸⁹ Futhi ukuphela kwendlela oyo ke ukwazi ngayo ukuMazi, ingukuthi uhlangebezane naYe. Niyabo? Manje, “Ukwazi Yena kungukuPhila,” hhayi ngisho nokwazi iZwi laKhe, lilihle njengoba Lingaba njalo. Nokho, ufanele wazi Yena. “Ukwazi yeNa ngukuPhila.”

⁹⁰ Futhi uPawulu wayengakabi naso lesi sehlakalo okwamanje. Futhi wathi, indawo eyodwa lapha, “Impilo engiyiphilayo manje...” Kukhombisa ukuthi wayephile impilo eyehlukile, ngesinye isikhathi. Impilo yakhe yayiguquliwe.

⁹¹ Futhi lapho impilo yakho iguqulwa, ikwenza wenze izinto wena ngokuvamile obungeke uzenze. Futhi, kukwenza usho izinto obungeke uzisho ngokujwayelekile, umuntu onempilo egxile kuKristu.

⁹² Ngani, uPawulu wama phakathi kwabantu, lawo maJuda, nokunye nokunye. Waye...ucezwana olulodwa lokwesaba ngaye. Wayazi ukuthi wayekholwe nguBani. Futhi wa—wayeno—ukuphila ayengeke neze akwenze, ukube wayengatholanga okuthile okwakungokwangokoqobo futhi kwakumgxilise okwehange.

⁹³ Ngiyacabanga, noma imuphi umKristu ufanele abe ngaleyondlela, lonke ikholwa. Wena awufanele nanini... Ngiyacabanga, ikakhulukazi, abefundisi abafanele neze bazame ukungena epulpiti baze bahlangane noNkulunkulu kuleyo mihlabathi engcwele lapho kungekho sazi sefilosofi esingaKuchaza sikususe. Uhlangeane noNkulunkulu, futhi uyakwazi, futhi akukho lutho oluyoke Lukufihlele kude nawe.

⁹⁴ Manje, sinezikhathi lapho sinomfundaze omkhulu, futhi akukho lutho okumelene nalokho. Kulungile. Kepha, konke lokho kuhamba kahle. Kepha wena, mathupha, ufanele uhlangeane noNkulunkulu, endaweni okungekho noyedwa ongasonta noma iyiphi imiBhalo. Wawukhona lapho. Wena, nguwe owahlangana naYe. Waba nesehlakalo sakho. Uyamazi Yena. Niyabo?

⁹⁵ Ngicabanga ukuthi, wonke umfundisi, ikakhulukazi, nalo lonke ikholwa, kufanele—kufanele kuthathe le ndawo, lesi sikhundla, ukuhlangana okokuqala noKristu, mathupha. Futhi kukwenza wenze izinto, njengoba—njengoba ngishilo, ukuthi ngokwejwayelekile ubungeke ukwenze. Kukwenza usho izinto obungeke uzisho ngokujwayelekile. Noma kunjalo, Kuyinto ogxile kuyo, noma oboshwe kuyo. Kuyinto ethile oyaziyo, njengoPawulu, ukuthi wena—wena uhlangane nokuthile okwehlukile kunalokho owake wakubona empilweni yakho. Niyabo?

⁹⁶ Kufana nomkhumbi nje. Niyabo? Umkhumbi uno—unoqobo, futhi loloqobo lomkhumbi yihange.

⁹⁷ Manje, lapho lowo mkhumbi usemanzini azanyazanyiswayo, lapho ongaphonswa khona kalula edwaleni, noma—noma waqhuma; noma ushaye phansi, lapho a—amanzi awajulile ngokwanele; futhi ukugubha kwamagagasi okukhulu, kukhuphuka, kuyokhahlameza umkhumbi, kuwugumbuqele.

⁹⁸ Kufanele kube ngamanzi ajulile anele ukuwuntantisa, kungenjalo amagagasi ayowugumbuqela. Futhi—futhi umkhumbi onehange, lawo amakhulu, amathani amakhulukazi e—ensimbi ewawisayo, ensimbi. Futhi uya phansi, phansi, uze ushaye phezu kosebe lolwandlekazi, kwenye indawo esiqongweni sentaba. Futhi lelo hange elikhulu liyadonsa, njengoba amagagasi enyakazisa umkhumbi, uze ushaye imikhonto yawo emikhulu edwaleni. Futhi, lapho, umkhumbi unoqobo. Ugxiliswe ngehanga. Amagagasi angawuzamazamisa ngapha nangapha, kodwa, noma kunjalo, lowo mkhumbi ungama nje nsi ngokuphelele, lapho ugxiliswe khona ngehange, ngoba liwuqobo kuwo.

⁹⁹ Futhi uma uKristu eluQobo lwakho, uboshelwe kuYe ngaleyo ndlela, akunandaba ukuthi uthini omunye umuntu, ukuthi ukuhlushwa kuba nzima kanjani, ukuthi isivunguvungu sibonakala sinjani, ukuthi kubukeka kungenakwenzeka kanjani—kanjani kukho ukuba kwenzeke. Uma kukhona okwenzekile kuwe, ukuthi, uKristu uba luQobo lwakho, noma yisiphi isithembiso esiseBhayibhelini siba uqobo lwakho. Uma ugula, futhi—futhi ukhulekela ukuphulukiswa, bese okuthile kuba yilokho, kushaya lesosithembiso eBhayibhelini, “Nginakho,” akukho okuzodedisa kuKho.

¹⁰⁰ Niyayikhumbula indaba imizuzu embalwa edlule, yenenekazi elincane na? Lowo mbono wawuluqobo lwalo. Lalazi ukuthi kwakungakaze kwehluleke, ngakho-ke kwakuluqobo lwalo. Ukube belingathola uNkulunkulu ukuba aphenделе futhi athi “Sekuphelile,” akunandaba ukuthi udokotela utheni, kwakuluqobo. Kwakugxilise ngehange phansi ngokoqobo.

¹⁰¹ Futhi owesilisa noma owesifazane, kwifilosofi nje noma ukujoyina ibandla, noma into enjengaleyo, awukakagxilisi

okwehanga namanje. Wena, ungathatha incwadi yakho iletha isuka kwelinye ibandla iye kwelinye, isuka kwenye indawo iye kwenye. Kepha uma nje uthatha uQobo lwangempela, uKristu, uzigxiliswe okwehange kuLokho. Akwenzi nayimuphi umehluko ukuthi yini ezayo noma ehambayo, usalokhu ugxiliswe okwehange phansi.

¹⁰² Futhi okudingwa ngumKristu namhlanje, kulonyaka we-athomu, nalesi sikhathi sokungaqiniseki, udinga okuthile ngaphandle nje kwesehlakalo sokujoyina ibandla. Udinga ihange, uqobo, olwaziyo. Ngoba, amabandla azohluleka, nabantu bayohluleka. Kepha uKristu angehluleke. Yena, Ungu—UluQobo ekholweni. Futhi uma uKristu eluQobo lwakho, uboshelwe kuYe. Futhi uma EluQobo lwakho, futhi wena uboshelwe kuYe, khona-ke uboshelwe eZwini.

¹⁰³ Manje, manje, Lokhu kusho ukuthi sinoqobo olufanele noma qhabo. Niyabo?

¹⁰⁴ Uma ungafunda kulowo mBhalo, okuthize uKristu akumisa noma wasithuma ukuba sikwenze; futhi, ngenxa yokusonteka okuthile, uma othile engakutshela ukuthi Lokho kwakungokwabafundi noma omunye umuntu; bese-ke ungabambeleli kuLokho, khona uKristu akasilo uQobo lwakho. Lowo muntu okuhole wakukhipha eNdleleni uluqobo lwakho.

¹⁰⁵ Kodwa uma leloZwi, uKristu, lisabambile, niyabo, khona-ke UluQobo lwakho. Akufanele sivumele noma yini isiphambukise endleleni yeZwi. Niyabo?

¹⁰⁶ Abanye babo, namhlanje, kuzothola kakhulu kunanininini, lapho izinsuku zidlula, ukuthi sizobona abantu abanalokhu, njengoba uJesu asho, “Isimo sokumesaba uNkulunkulu.” Futhi nje i—isimo esiza kuso. Sibe nakho kumaMethodisti namaBaptisti, kanjalonjalo, iminyaka, futhi manje sekunyelele kwangena kumaPentecostal. Futhi okuncane . . .

¹⁰⁷ Ngenkathi uNkulunkulu enikeza umuntu uMoya oNgcwele, Wammisa ngobuso bakhe bubheke ngaseKalvari, neZwi liphambi kwakhe.

¹⁰⁸ Manje, izimpande ezincane zizovuka kulowo mgwaqo omkhulu, zingene futhi zizungezelele lowo muthi, futhi ucabanga ukuthi imsulwa kakhulu. Kodwa, into yokuqala uyazi, ikubambile kangako ize ikudonse ngendlela engafanele, ikwenza wencike ngendlela engafanele.

¹⁰⁹ Kanjalo namafilosofi nezinto kungene phakathi kwethu, kuze kuqale ukusidonsela ngasezweni. Wena thatha iNkemba kaNkulunkulu esika nhlangothi zombili bese usika uzikhulule kukho konke, futhi uhlale ngqo kuleloZwi, ngoba Lokho ukuGcina. Lolo uQobo, kulo lonke ikholwa.

110 Futhi uma owesilisa noma owesifazane egcwaliswe ngoMoya oNgcwele, inhliziyo yakho ngaphakathi kwakho izogcizelela zonke izithembiso zikaNkulunkulu ngo “amen.” Kunjalo.

111 Manje, uma omunye ekutshela, “Izinsuku zezimangaliso sezedlule. Akukho okuthiwa ukuphilisa kukakuNkulunkulu. Umbhaphathizo kaMoya oNgcwele wawungowomunye unyaka.”

112 Futhi-ke phenya eBhayibhelini bese ufunda lapho uPetru asho khona, ngoSuku lwePhentekoste, lapho bonke bahlabeka ezinhliziyweni zabo. Futhi bathi kuye, “Madoda bazalwane, siyakuthini na? Yini esingayenza ukuze sisindiswe na?”

113 Manje, uma ukujoyina ibandla bekungaba yilokho akusho, ubezothi, “Umele uthole u—umzimba futhi—futhi ujoyine ibandla.” Awu, niyabo, kwakunokunjalo... kwakungekho-nto enjalo ngalolo suku.

114 Ngakho-ke ubanikeze isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo ngqo sokukudingayo. Wabatshela ukuthi kumele benzeni, nokuthi kungaba kude kangakanani. Wathi, “Phendukani, yilowo nalowo, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwesono, futhi niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Ngokuba isethembiso ngesenu, nesabantwana benu, nakubo abakude, nabaningi iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.”

115 Manje-ke kukude kangakanani na? UJesu wathi, kuMarku 16, “Hambani niye ezweni lonke futhi nishumayele iVangeli kuzo zonke izidalwa. Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Niyabo? Kude kangakanani na? “Ezweni lonke, kuso sonke isidalwa,” iVangeli linjalo. “Futhi lezi zibonakaliso ziyakubalandela yilowo nalowo okholwayo: bayakukhipha amadimoni ngeGama laMi; bakhulume ngezilimi ezintsha; noma baphathe izinyoka noma baphuze okubulalayo, bekungeke kubalimaze; babeke izandla kwabagulayo, bayakusinda.”

116 Manje, niyabo, ufanele uluthole loloqobo, lokho okuthize okuyikho ngempela, lokho okukukhomba noKristu neZwi laKhe. Yebo. IZwi linguKristu. Futhi ufanele uqiniseke ukuthi ungathi “amen” kuleloZwi, noma uqobo lwakho luyiphutha.

117 Ulwakhele phezu kwesivumokholo esithile. Wena uthi, “O, ngiyamkholwa uKristu, kodwa angiyikholwa leyoNto. Ngi—ngiyamkholwa uKristu, kodwa angikholwa *Lokhu*.” Khona-ke uqobo lwakho alulungile. Uqobo lwakho lusesivumwenikholo esithile, futhi hhayi kuKristu, ngoba uKristu uyiZwi.

Ufana nenkanyezi yasenyakatho futhi, Unjalo, kumuntu olahlekile.

118 Manje, ngiyazingela emhlabeni jikelele. Futhi ngangise—ehlane. Futhi ngezinye izikhathi, enye yezinto ezizedlula zonke...Uma ungabheka phezulu futhi uyayazi inkomba

yenkanyezi yasenyakatho, iyakuhola uphume. Futhi i—i—indoda olwandle, futhi lapho isi—isilahlekile, uma ingathola inkanyezi yasenyakatho kuphela, ingaziqondisa khona—ke indlela ahamba ngayo. Manje, yilapho ilahlekile khona, ibheka inkanyezi yasenyakatho. Manje, ezinye izinkanyezi ziyagudluka, kodwa leyo nkanyezi yasenyakatho ima ngqo enkabeni yomhlaba. Akunandaba ukuthi umhlaba ujikela kuphi, leyo nkanyezi yasenyakatho ihlala injalo. Ikhomba ngasenyakatho. Yiyona nkanyezi eqinisile kuphela, ngiyaqonda, ukuthi sinayo, yileyo nkanyezi impela yasenyakatho. Manje, i—ikunikeza inkomba.

¹¹⁹ Futhi yilokho uKristu ayikho kuwe. Uma ufuna ukuya eZulwini, uma ufuna ukusindiswa, uma ufuna ukugcwaliswa ngoMoya, uma ufuna ukufana noKristu, uKristu uyiNkanyezi yakho yaseNyakatho. Uma ulahlekile, ungazami ukuthatha isivumokholo. UyiNkanyezi yakho yaseNyakatho. UyiNdelela yakho. UyiNkombamba yakho.

¹²⁰ Manje-ke, uma u—uma uMthatha njengeNkanyezi yakho yaseNyakatho, lokho-ke kubeka ngokuphelele uMoya oNgewele iNkombandlela yakho. Amen. UMoya oNgewele uyiNkombandlela yakho, kanti iNkombandlela izokhomba kuphela eNkanyezini yaseNyakatho. Futhi uma unombhaphathizo kaMoya oNgewele, ingakukhomba kuphela kuKristu, futhi uKristu uyiZwi. Leyo yindlela yokuthola indlela yakho ephindela emuva. Niyabo?

¹²¹ Ungeke ubheke phezulu *lapha* bese uthi, “*Lena* iyakhanya. *Lenkanyezi* iyakhanya *lapha*.” Futhi emva kwesikhashana sekukwenye indawo. Niyabo? Ufanele uthole ndawo ndawo lapho imiswe khona ngokoqobo.

¹²² Manje, uKristu eyiNkanyezi yaseNyakatho, neNkombandlela njalo ikhomba ngaleyondlela. Futhi uma usindiswe ngempela, ngempela, ukuphela kwendlela ongasindiswa ngayo ingoKristu. Futhi uMoya oNgewele, uyiNkombandlela yakho, uzokuholela ngqo eZwini. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Manje, lokho kuhle kakhulu! Futhi iZwi noKristu baMunye. BoBabili bayafana, bayafana. “Ekuqaleni,” uJohane oNgewele 1, “wayenguLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu.” Uma eyiNkanyezi yakho yaseNyakatho, Yena-ke uba uQobo lwakho.

¹²³ Lena indlela ende ukufika, lokho engifuna ukukusho. Kepha nizokuqonda, mhlawumbe, engizama ukunilethela khona.

¹²⁴ Kufanele kube khona uqobo empilweni yakho. Ufanele ube nalo ndawondawo, futhi nonke ninalo olulodwa. Awukwazi ukuqhubeka ngaphandle kolulodwa. Ufanele ube noqobo.

¹²⁵ Kwakukhona isikhathi lapho o—owesifazane, izwi lakhe—lakhe mayelana nendlela yokuziphatha etafuleni, laliwuqobo eMelika. Ngicabanga ukuthi igama lakhe kwakungu-Emily

Post, uma ngingaphosisi. Futhi noma yini ayisho ngokuziphatha kwasetafuleni, uma ethe ufanele udle ngeyakho...yidla uphizi wakho ngo—ngommese, lokho, lokho kwaku—lokho kwakuyilokho-ke. Kwaba yilokho-ke. Futhi ngani na? Futhi uma ethe yidla inkukhu, uvele wayicosha nje nge—ngezandla zakho wabe usuyidla, akunandaba ukuthi noma ubani ukubuke kanjani, ubusemgqeni ngqo, niyabo, ngoba lolo kwakuluqobo. Wayelugobo lwendlela yokuziphatha etafuleni. Kunjalo. Noma ngabe yini leyo eyashiwo yilowo wesifazane, kwakuyilokho-ke.

¹²⁶ Kwakukhona isikhathi lapho, iJalimane, lapho u-Adolf Hitler wayelugobo eJalimane. Akunandaba ukuthi noma ubani wathini, uHitler wayeyizwi lokugcina. Lokho uHitler akusho, kwakufanele kwenziwe. Leyo kwakuyindlela yakhe yokukwenza. Futhi noma ngabe bangaki abanye babo ababecabanga noma yini ngakho, uHitler waba izwi lokugcina. Wayewuqobo.

Kwakunesikhathi lapho uMussolini wayelugobo lwaseRoma.

¹²⁷ Kwakunesikhathi lapho uFaro wayelugobo lwaseGibhithe. Noma yini uFaro ayishoyo, yayifanele yenziwe.

¹²⁸ Kodwa, niyabo, konke lokho kwakuluhlobo olungalungile loqobo lwangempela. Bona behluleka, ngamunye wabo. Ngimi eGibhithe, kungekudala, ngangicabanga ngesikhathi oFaro abahlala ngaso ezihlalweni zabo zobukhosi. Futhi, niyazi, ufanele umbe phansi amafidi angamashumi amabili emhlabathini ukuze uthole lapho kwakukhona izihlalo zabo zobukhosi. Niyabo? O, lokho bekungaba uqobo olunjani! Lubhubhile futhi alusekho. Futhi abantu ababethembele kulolo hlobo loqobo, babhubha kanye nalo, futhi baqhubeka. Ngani na? Lwalenziwe ngumuntu, futhi yonke into eyenziwe ngumuntu iyobhubha nomuntu.

¹²⁹ Kepha kukhona uqobo olungeke lubhubhe. Lelo yiZwi laPhakade likaNkulunkulu. Alisoze labhubha. Ufanele uhlale naLo.

¹³⁰ Manje, manje, siyaqonda ukuthi—ukuthi sinoqobo lapha. Siyaphuma lapha futhi sibe necala. Futhi ungena enkingeni phandle lapha, futhi unecala lapha edolobheni. Bangalidlulisela kwezinye izinkantolo, kanjalonjalo. Lingacina selifike eNkantolo ePhakeme. Kepha isinqumo seNkantolo ePhakeme siluqobo. Lokho ukuphela kwamacala. Ungaqhubekela phambili kangako. Leyo yinkantolo yokugcina, yiNkantolo ePhakeme, futhi lolo uqobo.

¹³¹ Manje, ngezinye izikhathi asivumelani nazo, futhi—futhi, noma asizithandi isinqumo zabo. Kodwa, ngokufanayo nje, uqobo, ngoba isizwe siboshelwe kulo, niyabo, ukuthi iNkantolo ePhakeme ithini. Akunandaba uma ngithe banephutha; lokho akukwenzi kube okuyiphutha. Kulesi sizwe, baqinisile. Noma

ngabe isinqumo sabo siyini, kulungile. Uqobo, sifanele sibe nalo. Uma belungekho, ndawo ndawo, icala belingasoze laphela. Kodwa kufanele kube khona ndawondawo ukuthi lelo cala lifinyelele esiphethweni salo, futhi lokho kuseNkantolo ePhakeme. Noma ngubani uyakwazi lokho. Seliqediwe lapho selidlula eNkantolo ePhakeme. Benza isinqumo, lokho kuyakuxazulula. Yilokho kuphela. Ayikho enye indawo ongaya kuyo ngoba leyo yinkantolo yabo ephakeme kunazo zonke. Kukhona i...Ufanele ube noqobo, ufanele ube noqobo enkantolo.

¹³² Sifanele sibe noqobo emdlalweni webhola. Ngabe ubukwazi lokho na? Umdlalo webhola awukwazi ukusebenza kahle ngaphandle koqobo, futhi lolo ngunompempe. Manje, kwesinye isikhathi thina—thina asizithandi izinqumo zakhe, kodwa-ke lu—lu—luqobo. Uluqobo, noma kanjani. Uma...Akunandaba, uma sifuna ukusho, nabanye bathi, ukuthi—ukuthi belishayiwe, noma bekuyibhola; futhi yena uthi lishayiwe, yilokho-ke. Musa ukuphikisana naye. Ulapho. Uluqobo kulowo mdlalo webhola. Ngoba, uma ethi, “Shaya,” wena ungaqophisana, ungaphonsa isigqoko sakho laphaya, futhi usibhikishele, kodwa lishayiwe, noma kanjani. Amen. Manje ake sicabange umzuzu nje. Ukube bekungekho nompempe emdlalweni na? Hlobo luni lokuqophisana obekungaba yikho na? Bekuyoba yinxushunxushu konke. Wena—wena ubungeke uwudlale lo mdlalo ngaphandle kokuba noqobo kuwo. Imidlalo ifanele ibe noqobo.

¹³³ Futhi uma imidlalo ifanele ibe noqobo, kuthiwani ngempilo na? Ifanele ibe nendawo yokuphumula. Futhi wonke osazofa lapha, kulentambama, unoqobo lwakho ndawondawo, ukuphelela okungokwakho, lelo yigama lokugcina.

¹³⁴ Qaphelani, kuyoba nokuqophisana nakho konke kulomdlalo webhola. Konke bekungaphethela enxushunxushwini.

¹³⁵ Wena uyazi, ilambu elibomvu liwuqobo esiminyaminyeni sezimoto. Kepha kuthiwani ukuba ilambu elibomvu alisebenzi na? Kuthiwani ukuba ilambu elibomvu licimile ngenkathi ufika lapho na? Oyedwa uthi, “Ngi—ngi—ngifike lapha kuqala.” Omunye athi, “Ngijahe ukuya emsebenzini.” Ukhuluma ngojenga lwesiminyamina sezimoto!

¹³⁶ Lokho kumayelana nokuba naloludaba ngamabandla ethu nezinto. Unjenge olunjalo! Ilambu elibomvu lifanele licime, ndawo ndawo.

¹³⁷ O, ukuqophisana nokuphikisana, ngani, anisoze nakuqeda. Kufanele kube khona into ethile lapho, ukuba ithi, “Wena hamba, futhi wena linda,” kanjalonjalo, noma besiyoxovana sonke.

¹³⁸ Awu, manje, ezinkolelweni zethu, emakhulwini ethu ayisithupha nokuthile amahlelo ehlukenene. Ya. Ngicabanga

ukuthi sekungamakhulu ayisishiyagalolunye manje, e-ezinhlangotho ezahlukene. Kuzofanele kube khona uqobo ndawo ndawo. Uma iKatolika liqinisile, iProtestani linephutha. Uma iMethodisti iqinisile, iBaptisti inephutha. Uma iPentecostal iqinisile, khona-ke bonke abanye banephutha. Futhi-futhi kufanele kubekhona okuthize ndawondawo. Futhi uzokusekela kanjani, uma ungathathi uQobo lukaNkulunkulu na? Lolo nguKristu.

¹³⁹ Futhi uJesu wathi, kuJohane 14:12, “Okholwayo yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza.” Kuliqiniso eliphelele ukuthi uKristu wathembisa lokho. Lelo yiZwi laKhe. Sifanele sikukholwe lokho. Wathi, “U. . .”

¹⁴⁰ KuJohane oNgcwele, isahluko 5, ivesi 24, “Ozwa amaZwi aMi, amaZwi aMi, futhi akholwe ngoNgithumileyo unokuPhila okuphakade, futhi akayi ekwahlulelweni, kepha wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.” Yilolo uqobo. Yilolo-ke. Manje, hhayi lowo ozensisayo, kodwa, “Okholwayo.” Niyabo?

¹⁴¹ Manje, sizofanele sibe noQobo, futhi Yena uyiloloQobo. Futhi Yena neZwi laKhe bayefana. Asikwazi ukubahlukanisa. Yebo.

¹⁴² Uma ilambu elibomvu belicimile, besiyoba nonjenga lwesiminyaminyana, o, he, olubi, futhi. Kufanele kube noqobo.

¹⁴³ Futhi ngakho-ke, niyazi, sekunjalo namuhla, noma kunjalo, inkathazo yakho ingukuthi, yilokho okukulolujenge lwesiminyaminyana olukhulu kakhulu esingene kulo. Kuthi ukuba yindlela yobuluhlaza yokukuzwakalisa, kepha nokho niyazi ukuthi yini engizama ukuyisho.

¹⁴⁴ Qaphelani. Isizathu sokuthi singene lapho kungenxa yokuthi ngamunye wethu uzenzela olwakhe uqobo. Niyabo? Sinoqobo olungolwethu. Ibandla ngalinye linoqobo olungolwalo. Iqembu ngalinye linoqobo olungolwalo. Futhi bathi, ngamunye wabo, wathi, “SiyiQiniso, indlela. SinaKho konke. Awuhlangene ngalutho naLo. Usengcosaneni. Thina, siyiqembu elikhulu kunawo wonke.” Futhi abantu bayakwenza lokho. Lokho ngukuthi. . . Wena ubungafanele ukwenze lokho.

¹⁴⁵ Kuze kube, kucishe kube njengoba kwakunjalo, izinsuku zabaHluleli, lapho, “wonke umuntu wenza okulungile emehlweni akhe.” Niyabo? Ucabanga, ngokubona kwakhe, yena uyakwenza. Kodwa, bona, awukwazi ukukwenza lokho. Kunezindlela eziningi ezahlukahlukene. Niyabo? Futhi yinye kuphela iNdlela, noKristu uyileyoNdlela. Futhi uKristu neZwi laKhe yinto efanayo. Manje, niyabo, ufanele ube neNto ethile esingeza kuyo futhi sithi, “Yiyo Le,” futhi Ingafakazelwa ukuthi yiYo, yilokho eYikho, niyabo, Yena.

¹⁴⁶ Ngezinsuku zabahluleli, isizathu sokuthi umuntu ngamunye azenzele ngokubona kwakhe lokho abecabanga ukuthi bekulungile, yingenxa yokuthi, ngalezo zinsuku, “IZwi

likaNkulunkulu laliyigugu. BabengenaLo.” Futhi, abaprofethi, babengekho. Kwakungekho baprofethi ngalezozinsuku, ukuma eZwini futhi aqondise u-Israyeli. Ngakho-ke, iZwi lalingafiki, ngakho-ke wonke umuntu wenza lokho okwakulungile emehlweni akhe.

¹⁴⁷ Futhi kulapho-ke lapho esesifike khona futhi namhlanje, bazalwane. Niyabo? Wonke umuntu ngokubona kwakhe, uthi, “Awu, manje, uma ngifuna ukuthatha umgomo wokwenza othanda kwenziwe kuwe! Uma ngifuna ukwenza *lokhu*, noma inkolo ethile! Ngi—ngi—ngiyakholwa, inkolo yami, yenza *ukuthi-no-kuthi*.” Futhi wena—wena uyakuthola lokho. Wonke umuntu uyakuthola lokho.

¹⁴⁸ Bayacabanga, “Awu, ngi—ngiya kuSonto sikole ngeSonto ekuseni. Ngilunge njengawo wonke umuntu.” Awu, lokho, lokho kuhle. Usengakwazi ukuhamba, uye kuSonto sikole futhi—futhi ube olungile, lokho kulungile. Kepha uma ungakakabi nokuthile okuncane kunokuya kuSonto sikole!

¹⁴⁹ Omunye wathi, “Ngigcina imithetho eyishumi.” Omunye ugcina usuku lwesabatha. Omunye wenza okunye. Futhi, kuze kuba, sisanda kuthola indawo kuze kube yilapho wonke umuntu ecabanga, awu, benza nje lokho abacabanga ukuthi kulungile. Kepha lokho akukwenzi kube ngokulungile. Hhayi ngezindlela ezinde, akukwenzi. Sizokuthola lokho emizuzwini embalwa, niyabo, ukuthi akukwenzi kube ngokulungile.

UNKulunkulu unendlela.

¹⁵⁰ IBhayibheli lathi, “Kunendlela ebonakala ilungile kumuntu, kodwa ukuphela kwayo yizindlela zokufa.” Futhi akekho ofuna ukufa. Lokho ukwahlukana. Asifuni ukhlukana noNkulunkulu. Futhi asifuni. . .

¹⁵¹ Sifuna ukuphila. Impilo ingumcebo omkhulu kunayo yonke ukuthi—ukuthi umuntu angabawo. Futhi manje sifanele sithole ukuthi kuyini ukuPhila. Futhi Wathi, “IZwi laMi lingukuPhila.” Lokho-ke ukuPhila esifanele sibe nakho, iZwi liphila kuwe.

¹⁵² Manje bhekisisani. Ngikubonile lokhu ekuphendukeni kwami kwasekuqaleni, lapho ngangisengumfana nje. Ngikubonile lokho. Futhi ngangazi ukuthi ngangidinga uqobo. Ngakho-ke ngafunda iZwi likaNkulunkulu, futhi ngabona ukuthi leliZwi lalinguKristu. Futhi ngi—ngangifuna Lokho kube uQobo lwami. Ngakho-ke ngaMthatha eZwini laKhe. Futhi ngaMuzwa ethi, phakathi Lapho, “Uma nihlala kiMi, naMazwi aMi ekini, ningacela enikufunayo niyophiwa khona.” Manje, isethembiso esinjena pho!

¹⁵³ Manje, sikuphi namuhla, bazalwane na? Sikuphi na? “Uma nihlala kiMi, namaZwi aMi ekini, khona-ke ningacela enikuthandayo futhi niyakuphiwa khona.” Manje, Lokho, lelo yiZwi likaKristu uQobo. Kepha, ini na? IZwi lifanele lihlale kuwe. “Uma nihlala kiMi, kuKristu, neZwi laMi likini.” Manje-

ke, singena kanjani kuKristu na? Ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Bese-ke, leyo yingxenye eyodwa. Kodwa, manje-ke, “Uma nihlala kiMi, namaZwi aMi abe kuwe, khona-ke ningacela enikuthandayo.” Kodwa nifanele nibe nakho kokubili, uKristu neZwi. Futhi empeleni awunakuba noYedwa ngaphandle koMunye, kunjalo, ngoba Yinto eyodwa Efanayo.

¹⁵⁴ Ungeke waba noBaba ngaphandle kokuba neNdodana. Ngeke ube neNdodana ngaphandle kokuba noMoya oNgcwele. NguMoya Ofanayo.

¹⁵⁵ Ngakho-ke, niyabo, wena—wena awukwazi—awukwazi ukukwenza ngenye indlela kunokuthatha uQobo olunikezwe nguNkulunkulu ezimpilweni zethu. Manje ngiboshelwe kuYe, ngeZwi laKhe. UluQobo lwami. Futhi ngithole ukuthi kuhle kakhulu futhi kuyigugu uku—ukuphila ngaYe.

¹⁵⁶ Manje, amabandla amaningi... Ake nje ngikhulume ngoqobo. Ebandleni eliKatolika, uphapha uluqobo lwabo. Futhi noma ngabe kuza ini, kuhambani, okushiwo omunye umuntu, okushiwo yiBhayibheli, lokho akusho lutho.

¹⁵⁷ Ngaba nengxoxiswano esikhathini esingaside esedlule nompristi. Wafika ukungibuza mayelana... Ngabhaphathiza intombazane esencane. Futhi yona yayishade nomfana oyiKatolika, futhi yayiphenduka iba iKatolika. Futhi wangibuza ukuthi ngayibhaphathiza kanjani, ngase ngimtshela. Futhi saqala ukukhuluma ngakho. Futhi wathi, “Uyazi, ibandla elikatolika lalivamise ukubhaphathiza ngokucwilisa, kunjalo.”

Ngathi, “Nini na?”

Futhi wathi, “Emuva ngesikhathi seBhayibheli.”

¹⁵⁸ Ngathi, “Ngabe uqonde ukusho ukuthi uyakukholwa ukuthi amaKristu angasekuqaleni, njengoPetru, uJakobe, noJohane, nabo, wayeyikatolika na?”

Wathi, “Babeyiwo.”

¹⁵⁹ Ngathi, “Manje-ke ngingumkatolika kakhulu kunawe.” Ngathi, “Ngiyikatolika eliyimfashini endala, niyabo, hhayi lelo eli—elithatha lomkhuba omusha wento abayenzayo namuhla, futhi bayibiza ngokuthi inkolo.”

¹⁶⁰ “Awu,” wathi, “uyabona, uNkulunkulu unikele amandla aKhe kuPetru, futhi—futhi lelo yibandla. Futhi u... uNkulunkulu usebandleni laKhe.”

¹⁶¹ Ngathi, “Awukho mBhalo eBhayibhelini, ukusho lokho. Asikho isithembiso esikushoyo. IBhayibheli lathi, ‘UNkulunkulu useZwini.’ Kunjalo.

¹⁶² UNkulunkulu useZwini. IZwi liyiqiniso. Futhi ngabona lapho eBhayibhelini lapho Lasho khona, ukuthi, “Noma ngubani oyokwengeza izwi elilodwa kuLo, noma asuse iZwi elilodwa kuLo, kuyothatha okufanayo, ingxenye yakhe, eNcwadini

yokuPhila.” Manje, ngangazi ukuthi lokho kwakuluQobo impela, ukuthi leloZwi lalingenakuguquka, ngakho-ke ngakwemukela loKho. Ngathi, “Manje, Nkosi, ake ngiKufihle enhliziyweni yami, ukuthi ngiyoLigcina futhi ngiLihloniphe ngokuzithoba. Futhi noma ngabe liYini, ngizohamba, futhi Wena ngihole.” Futhi kube uQobo lwami.

¹⁶³ Manje, ebandleni leProtestani, isikhathi esiningi, esifundeni esingaphansi kombhishobhi, izwi lombhishobhi, noma liphikisana neZwi likaNkulunkulu, liba uqobo kuleso sigejane samaKristu. Akunandaba ukuthi iZwi lithini, uma umbhishobhi esho *njalo*, lokho kuqeda konke, uMbhishobhi omkhulu waseCanterbury. Kungenandaba noma ngabe yini, a—amaNgisi aya kuleli bandla laseSheshi, akunandaba ukuthi bayocabangani, uma umbhishobhi omkhulu esho *okuthile*, yilokho-ke.

“A,” uthi, “lokho kubi kakhulu.”

¹⁶⁴ Kodwa, niyazi, manje, awume kancane. Singehla ngqo ekhaya ukuya ePentekoste uma ningathanda. Ngempela ningakwenza. Kepha ngi—ngiyethemba nje ukuthi uzoshaya eceleni futhi ubone ukuthi ngiqonde ukuthini. Niyabo?

¹⁶⁵ Wena uthi, “Nangu umfowethu ogcwaliswe ngoMoya oNgewe, futhi, yena, iNkosi ihamba naye.”

¹⁶⁶ “Awu, hamba ubuze igosa uma singakwazi, kuqala, uma singamthola. Uphatha hlobo luni lwekhadi na?” Niyabo, yilolo qobo-ke kulelobandla. Kunjalo. Singahle sithi “amen” ngamaKatolika nange—i—iPresbyterian, kanjalonjalo, kodwa kuthiwani ngakho—ngakho uma sekuza ekhaya? Niyabo? Sine . . . sinoqobo olungamanga.

¹⁶⁷ Akukho lutho oluphakeme eBhayibhelini, ebandleni, ukwedlula ilunga lalelo bandla. Liyibandla elizibusayo, futhi uMoya oNgewe usebenza kunoma ngayiphi ngendlela Afuna ngayo. Uhlala phakathi kwabantu baKhe.

¹⁶⁸ Kodwa sinolunye uqobo, umbonisi-jikelele othile ndawo ndawo, usitshela ukuthi yini esingayenza. Futhi uma ingahambelani nje nalokho abakucabangayo, noma into efana naleyo, khona-ke, “Lokho kuphumile. Akusikho okukaNkulunkulu.” O, he! Yeka ukuthi kuyinto embi kanjani! Yeka ukushwibeka esingene kukho! Akumangalisi ukuthi siphandle lapha sikhalela imvuselelo. Futhi isibhakabhaka sigwele amandla ePentekoste, futhi asikwazi ukufika kuwo. Kunjalo. Kungenxa yokuthi senqabe uQobo lukaNkulunkulu. Kunjalo.

¹⁶⁹ Isambulo sikaKristu, “Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango esihayidese awayikuLahlula.” LuQobo. Futhi iZwi likaNkulunkulu liwuQobo lwaKhe. “Inyama negazi akukwambulelanga lokhu, kepha uBaba

waMi oseZulwini ukwambulele lokhu. Naphezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi.” Niyabo? Uqobo lwangempela!

¹⁷⁰ Kodwa, niyabo, sithatha enye into ibe luqobo. Uma ihlelo lethu likhuluma ngokumelene neZwi, khona-ke uthatha izwi lehlelo ngakho. Awufanele ukwenze. Ngizama ukuzenza ngicace, ngokukholelwa kwami. Futhi ngi... Ukuvalwa kwalomhlangano, ngizama ukukutshela isizathu sokwenza kwami futhi ngisho izinto engizenzile, ngoba kudala ngathatha uKristu njengeQobo lwami.

¹⁷¹ Ibandla lokuqala engalijoyina kwaba ibandla leBaptisti, futhi ngiyabathanda labo bazalwane. Babekahle. Kepha, uma sekufika endaweni lapho engangizokwenza okuthile okwakuphambene nalomBhalo, iZwi likaNkulunkulu lalingelokuqala, ngoba ngangiboshelwe kuleloZwi. Kunjalo. Akukho lutho olumelene nakho... Ngenkathi uDkt. Davis eza kimi futhi wayefuna ngenze into ethize lapho ukuthi ngokwempela kwakungekho ngokomBhalo, futhi ngakusa kuye, wathi, “Lokho bekungokomunye unyaka, hhayi kwalona.”

¹⁷² Ngathi, “Ngiboshelwe eZwini. ‘Wonke amazwi omuntu mawabe ngamanga, nawaMi abe yiqiniso.’”

¹⁷³ Lokho kwakuluQobo lwami. Futhi kusukela... Sekuyiminyaka engamashumi amathathu edlule, noma ngaphezulu, futhi ngisesekuleloZwi elifanayo. Futhi lapho ngifuna ukhlala futhi ngife, Lolo kuluQobo lwami. Phezu kwalesosimo ngemukela uKristu.

¹⁷⁴ Futhi manje, akukhona ngoba ufuna ukwehluka. Akunjalo ngoba... Isizathu, kuleliviki, ngikhulume izinto ezithile ezitinyela kakhulu. Futhi uma ngenze lokho ukuze ngehluke nje, ngakho-ke ngidinga ukuya oQotsheni, ngi... [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Ngi—ngidinga u—ukuphenduka e-altare. Kepha ungangibiza kanjani ukuba ngiphenduke, kanti nginitshele iQiniso na? Kunjalo. Futhi uNkulunkulu usekelile futhi wakukhombisa ukuthi kwakuyiQiniso, ngeZwi, neZwi liphila. Niyabo? Lokho kuyiqiniso impela.

¹⁷⁵ Manje, yingalesosizathu ngishilo, futhi ngenza izinto engizenzayo. Kungahle kuphambane nezinhlangothi zethu ezehlukene nezinqubo. Akusikho ngoba ngifuna ukuchema nohlangothi nomunye, noma ngicheme nohlangothi komunye. Ngoba, ngithengisele entweni eyodwa.

¹⁷⁶ Ngenkathi ngisindiswa, noma uKristu eqala ukusebenza enhliziyweni yami, ngahamba ngehlela ebandleni eliKatolika, ngoba abantu bami, ama-Irish namaKatolika. Futhi ngiqaphele indlela asho ngayo lokho; bekungazwakali kahle. Futhi ngihamba izindawo ngezindawo. Futhi ekugcineni, wathi, “UNkulunkulu usebandleni laKhe.”

¹⁷⁷ Awu, uma uNkulunkulu esebandleni laKhe, yiliphi lelo bandla na? Nakhu... Awu, bathi, “Yi—yibandla lethu.” Awu,

liphi lona lamabandla aKatolika na? Uyakhumbula, bonke bahlukana, nabo. Yebo, mnumzane, onke ehluKile. Abanye bayashada, nabanye abashadi, kanti amanye amaGreki, abanye i-Orthodox, futhi, awu, kukhona nje uhlobo oluhluKile, olwaseRoma. Abanye bayamamukela uphapha, kanti abanye abamemukeli. Niyabo, bahlukene, nabo. Yiliphi lalawo mabandla, khona-ke, eliqinisile na? Ungalubeka kuphi noma yiluphi ukhoho na? Uma ungumKatolika, futhi ukholwe yibandla, pho liyiphi lelo bandla na? Yiliphi lamabandla enu eKatolika eliyilo na?

¹⁷⁸ Uma ungumProtestani, wena uthi, “Awu, awu, yiliphi—yiliphi lawo eliqinisile na? IMethodisti, iBaptisti, iLuthela, iPresbyterian, awu, yiliphi eliqinisile na?”

¹⁷⁹ UNkulunkulu uqinisile. IZwi lakhe liqinisile. Amanye awaqinisile. Uma ngabe...Kunjalo inqobo nje uma behlala neZwi. Kepha uma ushiya iZwi, khona-ke ushiya uNkulunkulu. Isizathu, uNkulunkulu ubheke iZwi laKhe, ukuLiqinisekisa. Ufanele aLenze libe yiqiniso. Ufanele aLenze lisebenze. Yingakho nina bantu nilambele imvuselelo. Sekuyisikhathi sokuthi lezi zinto zibe lapha. Uma wake wangikhulwa ukuthi ngazi engangikhuluma ngakho, wena kwamukele lokho. Ihora selifikile manje.

¹⁸⁰ Kodwa, inkathazo yakho ukuthi, sinoqobo oluningi kakhulu, asazi lapho siboshelwe khona. Amen.

¹⁸¹ Manje ngizizwa nginokhoho. Niyabo? Kunjalo. Ngifuna ukukhipha lokho enqubweni yami. Kunjalo.

¹⁸² Thina sithole izibopho eziningi kakhulu, omunye edonsa ngalendlela, nomunye ngaleyondlela, nomunye emelene nomunye. Bazi kanjani abantu ukuthi benzeni na? Futhi umfutho kaMoya oNgwele wehla, uzama ukuthola indawo yokunyakaza ngokwaKhe phakathi, ukuze Akwazi ukusebenza, iZwi ngeZwi, iZwi ngeZwi.

¹⁸³ Manje, nina bantu bePentecostal niyakholwa, ngenkathi izipho ziqala ukubuyiselwa ebandleni, zombhaphathizo kaMoya oNgwele, nokukhuluma ngezilimi, futhi nahlala ngqo nalokho. Nakukholwa lokho. Manje, lokho kulungile. Kodwa kungani nima lapho na? Niyabo? Kungani nama lapho na?

¹⁸⁴ Ngenkathi u-Israyeli esendleleni eya ezweni lesithembiso, futhi ngenkathi bema ehlane, bahlala lapho iminyaka engamashumi amane; futhi uhambo losuku nje kuphela kuzo zonke izithembiso, sonke, izwe lesethembiso eliphelele.

¹⁸⁵ Futhi abantu bePentekoste, ngenkathi bewela ngaphesheya, besina futhi bememeza njengoMiryamu kanye nabo, ngenkathi befika ehlane, benza into efanayo naleyo uMose ayenza... noma qhabo...u-Israyeli ayenza. Babefuna umthetho. UMusa wawusuvele uhlinzeke ngakho konke. Babefuna okuthile ukuze babe nodokotela, nama-Ph.D, nama-LL.D, futhi bakutholile.

Futhi bahamba lapho kwaze kwaba yilowo nalowo kubo wafa. Kunjalo.

¹⁸⁶ Futhi uNkulunkulu wathatha amadoda amabili wase ewathumela ngaphesheya: uKalebi noJoshua. Ngani, babeseduze kuphela—kuphela uhambo lwamamayela angamashumi amane, kwaba yilo lonke ababedingeka baluhambe. Ngani, babekude nje ngosuku noma ezimbili kulo. Kepha balinda emuva lapha iminyaka engamashumi amane, baze bakhapha zonke lezo zinto kubo, baze bonke labo bantu bafa nya.

¹⁸⁷ Awu, sekuthi akube yisikhathi soshintsho manje. Si—saqala ukuhlela, senza yona impela into esiphume kuyo, futhi sayibuyisa emuva ngqo, futhi senza *lokhu* kube yinsika yokubophela, *nalokhu* kube uqobo. “Futhi uma bengaKukholwa nje ncamashi ngalendlela, makabongwe uNkulunkulu, abekho ngisho kuKho nhlobo.” Ngakho-ke nenzeni na? Nahlala nathula futhi nenza amalungu.

¹⁸⁸ Futhi yini amalungu ayaziyo na? Phendukela eZwini likaNkulunkulu, futhi babona okuthile kwenzeka, lelo yiZwi likaNkulunkulu impela, ngani, abazi ukuthi baphendukele ngakuyiphi indlela. Bahamba beyobuza kubhishobhi othile noma igosa elithile, “Yini *le*, futhi yini *leyo* na?”

¹⁸⁹ Ngani, kungifaka engqondweni yesigejane sezinkukhu zesifukamelisi. Ngihlala njalo ngiyizwela inkukhu yesifukamelisi. Yona, iyothi “ntshiyo, ntshiyo,” futhi ayinamama engaya kuye. Yakhishwa ngumshini.

¹⁹⁰ Yileyondlela iningi lalaba bashumayeli ngalolusuku: abakhishwa ngayo umshini omkhulu. Bempongoloza ngoNkulunkulu, futhi abazi ngisho ukuthi iNto iyini. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

¹⁹¹ Wayenguye ngokuphelele. Wayeboshelwe kuNkulunkulu, futhi uNkulunkulu wayeyiZwi, futhi uNkulunkulu wakufakazisa ngaYe. Niyabo? Kepha silapha-ke namuhla. Niyabo? Sinoqobo oluningi kakhulu, futhi hhayi uqobo oluyilonalona. Niyabo? Yinye kuphela iNdlela, futhi leyo nguJesu. UJesu wathi, “NgiyiNdlela.” Futhi uJesu kanye neZwi yinto efanayo.

¹⁹² Futhi manje uNkulunkulu uprofethe ngalezizinsuku zokugcina, ngalokho okufezekayo. Wathembisa lezi zinto ngezinsuku zokugcina. UJesu wabathembisa, “Njengasemihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.” Yonke imiBhalo Ayithembisa ngezinsuku zokugcina, futhi siphila ngqo kulesosikhathi. Futhi uNkulunkulu, uMoya oNgwele, uhamba phezu kwabantu.

¹⁹³ Futhi into kuphela ofuna ukuyenza ukusina eMoyeni futhi ukhulume ngezilimi. Yilokho kuphela okwaziyo ngakho. Yilokho kuphela, imbewu, isitshaliwe. Esikudingayo iVangeli eligcwele

litshalwe enhliziyweni egcwele, ngamandla agcwele, ukuletha uqobo olugcwele. Yini indaba na?

¹⁹⁴ Ngabe wake wacabanga ngalokho u-Israyeli akwenza ehlane lapho na? Bashadelwa ngabafazi. Bakhulisa abantwana, nezitshalo, kanjalonjalo, banga izingane, futhi bambela abafileyo, futhi bashadisa abancane. UNkulunkulu wababusisa futhi baphumelela, kepha babesengaphandle kwezwe lesethembiso.

¹⁹⁵ Futhi yileyondlela iPentecostal engayo namhlanje. Eminyakeni engamashumi amane edlule, ubungeke ukucabange. . . Unyoko noyihlo bebeyoba namaJaqamba ukube bebecabange ukuthi ubungene kuloluhlobo lwesimo. Impela.

¹⁹⁶ Labo bantu bakudala babebopheleke kuloQobo, futhi babambelela kuleloZwi, kungakhathaleki okwakuyikho. Alikho ihlelo, amagosa, amadoda esifunda, noma ababhishobhi, abazobatshele noma yini ngakho. Bahamba ngoMoya, futhi baphuma benza izimangaliso futhi benza izinto. Babenemihlangano yase-Azusa Street beya yonke indawo, imihlangano ebanjelwa ngaphansi kompheme owenziwa ngezinti.

¹⁹⁷ Futhi, awu, awusakwazi ngisho nokuthola amadoda ekhoni lomgwaqo ukuba afakaze. O! Niyabo? Yini esinayo na? Into efanayo u-Israyeli ayenayo.

¹⁹⁸ Manje, kwavuka umfo lapho ngesikhathi sokuphela, futhi waqala ukukhomba, ngemuva kweminyaka engamashumi amane, “Kukhona izwe lonke eligcwele izibusiso phezulu lapho. Nakho konke. . .” Isizathu, ihora lase lifikile, ukuthi uNkulunkulu wayezobawelisa.

¹⁹⁹ Ihora selifikile manje, ukuthi ufuna uthola iBandla lime ngomumo. Ngizokusho lokhu ngezwi lesiprofetho, ngiyethemba. Angikusho eGameni leNkosi, kodwa ngikholwa ukuthi lokhu kuliqiniso. UHlwitho, niyobe nikhuluma ngoHlwitho, lapho uHlwitho lungasekho, isikhathi eside. Ya. Niyobe nithi, “Makabongwe uNkulunkulu, uHlwitho luyeza.” Seluvele selwedlule.

Akashongo yini uJesu ngoJohane na?

²⁰⁰ “Kungani ababhali bathi uJohane, kuqala? Noma, wakusho kanjani ukuthi u-Eliya umelwe ukufika na?”

²⁰¹ Wathi, “Usevele ufikile futhi anizange nikwazi. Kepha nikwenzile impela nje lokho athe niyokwenza.”

²⁰² Ngelinye ilanga kuyofika ukwahlulelwa phezu komhlaba. Futhi into yokuqala niyazi, niyothola abantu lapha befuna uHlwitho, futhi base behambile kudala. Kuyoba njalo ngengcosana. Yena wathi, “Njengasemihleni kaNowa, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu. Njengasemihleni kaLoti!”

203 Sicabanga ukuthi lesi sigejane esikhulu esikhulu samasosha angabalulekile empini lapha, umlotha we-athomu, kuyahamba. Kuzohamba kuphela uma kunokuPhila kukaKristu kukho, ngoba uNkulunkulu uzokuvusa. Kunjalo.

204 Kuyoba khona uHlwitho. Niyacabanga, abantu ababili noma abathathu *lapha*, noyedwa phezu *lapha*. Futhi kwenye indawo, omunye avele anyamalale, nicabange ukuthi ubalekile ekhaya. Bona, kungcono baqaphele, kungahle ukuba sebehambile. Nifuna uHlwitho, futhi seluvele selwedlule. Manje, lokho akuphikisani neZwi. Qhabo, akuphikisani. Ufika njengesela ebusuku. Niyabo? Bayobe bengasekho ngaphambi kokuthi wazi.

205 UNkulunkulu ubeka amandla aKhe—aKhe amakhulu phandle eBandleni, futhi akungenisi iqembu elikhulu kakhulu. Kuthatha idlanzana. “Ungesabi, mhlambi omncane. Kuyintando enhle kaYihlo. . .” Nina enibambebele oQobweni, lokho kunjalo, nesiqinisekiso sokuthi uNkulunkulu usebenza kukho.

206 Ngakho-ke, niyabo, siphila esikhathini esesabekayo, futhi yilokho, leyo ngcindezi ingaphezu kwebandla. Awu, ufuna ukubona into ethile. Ufuna ukubona okuthile. Kodwa, manje, uNkulunkulu angalibuka kanjani iZwi laKhe, ukuLiqinisekisa, nomuntu engalikhulwa leloZwi futhi angaLamukeli enhliziyweni yabo na? Ilanga lingakhanya kanjani phezu kwembewu futhi liyiphilise, lapho ingenakho ukuphila kuyo na? Kufanele kube yimbewu ehlwanyeliwe. Ngakho-ke, isivumokholo siyahlwanyelwa ukwenza amalungu amaningi.

207 Kodwa iZwi lihlanyelwa ukwenza abangcwele, lenze amakhulwa. Kunjalo. UNkulunkulu usebenza ukwenza amaZwi aKhe. U—UyaLiqaphela, ukuLiqinisekisa. Yebo, mnumzane.

208 Manje, manje, impela, ibandla eliKatolika lithatha ihange labo, inkanyezi yabo yasenyakatho, nangokuzuzo ngempumelelo kwabo. Futhi yilokho okushiwo nguphapha, kungukungahluleki ekupheleni kweRoma kwebandla eliKatolika. AmaProtestani, umbhishobhi, isivumokholo esithile. “Lokho kuphambene nesivumokholo sethu.” Futhi abanye babo bamelene nezinto ezehlukene, izinkolelo zabo zehlelo, nokunye nokunye.

209 Niyazi, ngizwa sengathi uPawulu washo lapha. Ngibheka umBhalo kwiZenzo 20:24. Wathi, “Akukho nakunye kwalokhu okungishukumisayo.” Amen. Ngani na? Ngoba wayegxilise okwehange. Wayenoqobo. “Selokhu ngahlangana naYe, endleleni ebheke eDamaseku,” uma bengingakhuluma noPawulu, “Wangijikisa, wangiqalisa ngendlela okuyiyonayona. Ngangiphumile eZwini. Wangibuyisela eZwini.” Yebo, mnumzane.

210 Lalelani. Ngizizwela ngaleyo ndlela, nami. Ngizwa ukuthi noma yimuphi umuntu ozelwe nguMoya kaNkulunkulu, othanda uNkulunkulu futhi othanda iZwi laKhe, uNkulunkulu

unenhloso kulokho. UNkulunkulu wayenenhloso ngokujikisa uPawulu. Akashongo yini ukuthi, “Ngizobonisa kuye” inkazimulo yaKhe na?

²¹¹ UNkulunkulu wayenenhloso ngenkathi Engisindisa. Ngizimisele ukwenza intando yaKhe, “Unganezeli kuLo noma ususe kuLo.” ISambulo 22:19 sathi, “Noma ngubani oyokwenza, ingxenye yakhe iyosuswa eNcwadini yokuPhila.”

²¹² Ngizimisele ukungalokothi ngengeze into eyodwa engeyombono wami siqu kuleloZwi. Ngizimisele ngokuLifunda njengoba Linjalo nje, futhi—futhi ngicele uNkulunkulu ukuthi angivulele lona enhliziyweni yami bese ngiLemukela. “Lisebenze ngami, Nkosi, ukuze abanye bengabona. Kwangathi Lingaba nosawoti nokuthile kwangempela, ukuze abanye bengabona.” Yebo, mnumzane.

²¹³ Manje, uma EluQobo lwethu, angeke kwabakhona olunye uqobo. Angeke wabanakho, uthi, “Awu, ibandla lami—lami liwuqobo lwami. Isivumokholo sami siluqobo lwami.” Uma uKristu eluQobo lwakho, uyalikholwa iZwi likaKristu. Ayikho enye indlela yokukwenza.

²¹⁴ Wena uyazi, ngicabanga ngesikhathi Angisindisa ngaso. Ngizokutshela ukuthi kungani ngimi ngendlela engimi ngayo; kungesikho ukwehluka. Ngizicacisile kulokho; ngiyethemba ngicacisile. Kepha ngi...Ngenkathi uKristu engisindisa, kwakukhona izigidi zabantu bephuthaphuthaza esonweni. Ngesikhathi Engisindisa, Wayenenhloso ngokuKwenza. Wayenenhloso ngokungisindisa. Uvele wabona ongazi ofana nami, futhi—futhi, ngandlela thize noma enye, lapho kwakukhona inqwaba yamadoda ahlakaniiphile, amadoda anekhono ngokwengeziwe, amadoda abengakwenza. Mina lapha, ngingenalo ngisho ibanga lesikhombisa lemfundo, lapho kwakukhona amadoda afunda esikoleni futhi athola iziqu, nodokotela be—bezobuNkulunkulu nefilosofi, nokunye nokunye. Kodwa ngenkathi uKristu engisindisa, Wayenenhloso ngokukwenza, noma Wayengasoze angisindise.

²¹⁵ Lalelani, bazalwane. Nginyanithanda, futhi niyakwazi lokho. Kodwa ngizimisele enhliziyweni yami ukuthi angisoze ngahlehla kuleloZwi. Ngizohlala khona lapho. Yilolo uQobo lwami, ebengiboshelwe kulo, yonke le minyaka. Manje, Wayenenhloso ukukwenza. Kunjalo. Futhi ngihlose ukubona leyonhloso iqhubeka, ukuhlala naleloZwi; kungesikho ukwehluka, kungesikho ukwedelela, kodwa ukwethembeka nokuba qotho kuNkulunkulu. Kunjalo.

²¹⁶ Manje, niyazi, ukufa kukaKristu kwakunoqobo kukho. Wonke umuntu wayesaba ukufa, ngisho nomprofethi omkhulu uJobe. Abantu abaningi babekwesaba ukufa, ukwesaba. Futhi abantu bebelokhu besaba. Kepha lapho uKristu efika wase ethatha ukufa wakubeka phezu kwaKhe, Waba luQobo kulabo

owayesaba ukufa. KumaHebheru 2:14-15, “Wathatha isimo somuntu,” ukuba afe njengomuntu, ukukhokha inhlawulo. Kepha, ngePhasika, waphuma nesikhiye sokufa nesihogo. Wayekunqobile. Uyeza, Wathi, “Ningesabi. NginguYe owayefile, nophila kuze kube phakade.”

²¹⁷ Futhi uQobo lwethu lukuYe, kunjalo, kuYe. Futhi WayeyiZwi likaNkulunkulu eliphelele. Wayephelele kakhulu kwaze kwaba, ngenkathi Ekhuluma iZwi laKhe, ladala. Lamisa izivunguvungu. Le—lenza amaqebelengwane, futhi lapheka inhlanzi, ngeZwi laKhe nje. Niyabo? Kwakungekho sithikamezo. Wayephelele kakhulu. Wathi iZwi naYe babeMunye.

²¹⁸ Wayeluthando lukaNkulunkulu, kuJohane 3:16. Waveza umzimba, ongazalwanga ngemuva kocansi, ngaphansi kokuwa. Kodwa wazalwa ngamandla adalayo kaNkulunkulu, ukuthi uNkulunkulu Yena uqobo wayehlala kulomzimba futhi waveza iZwi laKhe. “Futhi uNkulunkulu kuKristu ebuyisana nezwe kuYe uqobo,” enza uqobo kunoma yiliphi ikholwa. Futhi Waya ethuneni laKhe, nomthwalo wesono phezu kwaKhe, futhi wakhokha inhlawulo. Futhi wavuka ngokusa kwePhasika, nezihluthulelo zokufa nesihogo. Kuluqobo kunoma yimuphi umuntu owesaba ukufa.

²¹⁹ Ake ngisho lokhu. Angazi ukuthi mingaki iMilayezo okufanele ngiyishumayele ngaphambi kokuba ngihambe. Kepha uma uyikholwa langempela kuNkulunkulu, futhi uzelwe ngokusha, ungakwesabi ukufa. Into enhle kunazo zonke engenzeka kuwe, cishe impela. UPawulu wathi, “Kimi ukuphila kunguKristu, futhi ukufa kuyinzuzo.” Ngempela. Kuyinto... Ungalokothi wesabe ukufa. KwabaseThesalonika besiBili, “Siyohlwithwa nabathandiweyo bethu, ukuhlangana naYe emoyeni.” Isithembiso esinje pho! Yeka uqobo okuyilo, ukukholwa kuKristu, ukuthi ngibe nenhliziyo yami ithi “amen” kulok lonke iZwi eNcwadini yaKhe!

²²⁰ Lokho Akushoyo, ngiyaKukholwa, nami. Lokho ngiyakwazi, ukuthi uMoya oNgcwele uyiNkombandlela yami, ngoba Ingiholela oQobweni lwaKhe, niyabo, iNkanyezi yaKhe yaseNyakatho; kuYe, iNkanyezi yaseNyakatho. UluQobo lwami, iLanga lami, iNsika yami, iNkanyezi yami yaseNyakatho. O, he!

²²¹ Yehluka kakhulu kwezinye engizibonayo, njalo kukhona ukudonsa, intambo ethile ofanele uyidonse. Kodwa, kuLokhu lapha, awudonsi lutho. Ukuphela kwento, yehliselwe phansi kuwe. LuQobo. UKristu uluQobo lwethu.

²²² Bheka ukuthi iZwi laKhe lehluka kangakanani. LeloZwi belivela emandulo. ITestamente eLisha neLidala liyavumelana, njengesiqephu sebhodi esihlanganiswe okwesisila sejuba ndawonye. Akukho okungahlelekile. Amadoda amaningi aloba leyoNcwadi, lezo zincwadi ezingamashumi ayisithupha nesithupha zeBhayibheli. Bayiloba esikheleni esihlukaniswe

ngamakhulu namakhulu eminyaka, oyedwa engamazi omunye. Futhi kwenzakalani na? Ungeke wenze iZwi elilodwa liphikisane nelinye. Kunjalo. Yileso isizathu.

²²³ Ngizwile abantu bethi, “IBhayibheli Liyaziphikisa.” Ngizoshumayela ngaphesheya kweUnited States unyaka, ngokuqondile, futhi ngidedele abefundisi bathathe iminikelo futhi banikeze nina nonke, uma ningangikhombisa lapho iZwi likaNkulunkulu liziphikisa khona. Kunjalo. Ngenze lesi sethembiso eminyaka. Akekho osasithathile okwamanje. Qhabo. Ngoba, aLiziphikisi. Inggondo yenu yentongomane encane, ukuthi ni—nizama ukuLenza lisho into ethile eLingayisho. Kunjalo. Qhabo. IZwi likaNkulunkulu aLiziphikisi. Yena u, ku. . .

²²⁴ Manje, amahlelo ayophikisana elinye nelinye. Bafana nalezi ezinye izinkanyezi, niyabo. Ziyontanta zizungeze, ngaso sonke isikhathi, njengomhlaba. Ziphendukele emhlabeni, futhi zizungeze umhlaba. Futhi umhlaba ujike futhi uzikhiphe zonke emkhondweni.

²²⁵ Kodwa ayikaze isuke eNkanyezi kaNkulunkulu yaseNyakatho, iZwi laKhe, lapho inkombandlela ikhomba kuLo. Kuhlala kufana njalo, “UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade.” Lolo uQobo. Leyo yindawo.

²²⁶ Ungabhaka *lokhu* lapha. Namuhla kulapha, futhi kusasa likholwa okunye okuthile. Ngosuku olulandelayo, sekuphelile, kwenye indawo. Yileyondlela. Kuyantengantenga, ngaphakathi nangaphandle, ngaphandle nangaphandle, nangaphakathi nangaphakathi, kanjalonjalo.

²²⁷ Kodwa, beka inhliziyi yakho ngqo eZwini likaNkulunkulu. “Kodlula amazulu nomhlaba, kepha Lelo alisoze ladlula.” Yilolo uQobo. Yileso iSisekelo esiqinile. Leyo yi—leyo yiNkombandlela yami, ukuHamba kwami ngomkhumbi. Lowo nguMholi wami. Lokho ngukuKhanya kwami, kuphezu kwalolo Qobo lweZwi likaNkulunkulu. Ngiboshelwe lapho, Phakade, naYe. Amen. Abanye bangenza abafuna ukukwenza; lokho kukubo. Kepha, kimi, yiloluQobo. Ngifuna lokho kube uQobo lwami. Kungahle kuguquke kuphenduke, kanjalonjalo, kodwa hhayi iZwi laKhe. Lizohlala lifana njalo. Uhlala njalo ethembekile eZwini laKhe. Manje Menze uQobo lwakho.

²²⁸ Ngezikhathi zenkathazo yami emuva lapho, ngenkathi ngilahlekelwa umndeni wami, futhi impilo yami yacishe yathathwa kimi. Intombazanyana yami yafa, mina ngiyikhulekela, futhi emva kokuba ngangisemigwaqweni, imini nobusuku, ngishumayela futhi ngikhuleka, futhi ngizama ukwenza okwakulungile. Niwuzwile umlando wempilo yami. Abanengi benu bawufundile. Futhi, he, kufika endaweni, ngaze nga—ngabona umkami efa, kunjalo. . . nami ngimbambe ngesandla. Mina. . . Ingene yami encane yagula, amahora

ambalwa emuva kwalokho. Futhi ngehlela lapho futhi ngakhuleka, nakho konke okwakukimi. Kwakubukeka kufana neshidi elimnyama lehliswa, futhi wenqaba ukuphendula umkhuleko wami.

²²⁹ Wase-ke uSathane eza kimi wayesethi, “Uyabo, ucishe ube neminyaka engamashumi amabili kuphela ubudala. Futhi lapha, wena, konke okwenzile! Futhi wena, uzilahlele. Futhi wenze zonke lezi zinto. U—ulahlekelwe yibo bonke ubusha bakho, ngokuthi, lapho ubufanele ube ngaphandle unesikhathi esimnandi njengabanye abafu abasebasha. Futhi lapha ubumi ekhoni lomgwaqo, ukhala futhi ukhuleka. Ubuhamba ubusuku bonke ngesikhathi, ezibhedlela, ihora nehora. Futhi uma sekuza egazi lakho nenyama, Uyenqaba ukukuzwa.” Yilesi sikhathi engalingwa khona.

²³⁰ Kodwa kwenzeka ngakhumbula emuva. “NginoQobo. Nakuba Engibulala, nokho ngizoMethemba. Anginandaba ukuthi kuzani noma kuhambani.”

²³¹ Usigele wezwe lase-Indiana, uSam Isler, uyeza, naye. Ufikile etabernakele. Sewashona manje, cishe iminyaka emibili. Indoda enhle. Futhi wayevamisile. . . Wayehla ngomgwaqo.

²³² Ngangikhuphuka, ukuyokhuleka, phezulu ethuneni lapho unkosikazi nengane babelele khona. Kwakungemva nje ngqo kukazamcolo ka '37. Ngangigqoke ipheya lamabhuzu, futhi ngangikhuphuka ngomgwaqo, ngikhala.

²³³ UBilly omncane, indodana yami, wayesezofa nje, naye. Futhi odokotela babesebevele beshilo ukuthi akukho lutho olunye ongamenzela lona. Futhi—futhi wayenohlobo oluthile lwesifo sohudo ababengenakukumisa, ukutheleleka.

²³⁴ Futhi ngangikhala, ngikhuleka, futhi ngacabanga. Awu, bengisabambele kuNkulunkulu. Ngangikhuphuka ngomgwaqo, ngikhala.

²³⁵ Ngacabanga ukuthi ngizokwenyuka bese ngilalela. Ngangivamise ukuhlala phezulu lapho, ngokuhlwa, ngasethuneni. Ngezwa ujuba elidala lehla lapho futhi licula. Ngizwa amashoba evunguza, ne—i—imimoya idlula e—imimoya idlula emashobeni, njalo. Futhi kuzwakala sengathi beziyothi:

KuneZwe ngaphesheya komfula,
Balibiza ngelimnandi ingunaphakade;
Sifinyelela kuphela kuloluGu ngezinga
lokukholwa.
Ngamunye ngamunye sizuzwa ingosi,
Ukuhlala lapho nabangafiyo,
Ngelinye ilanga basishayela izinsimbi zegolide
wena nami.

²³⁶ Ngangima lapho, ngikhale, futhi ngibheke phezulu. Futhi ngiyothi kunkosikazi nengane, ngithi, “Ngi—ngiyazi ukuthi

anilele lapha. Lana yilapho nje engitshale khona izinsalela engangiziphethe ngezandla zami. Kepha ndawondawo, ngale komfula, nilapho.”

²³⁷ Ngakho-ke, kodwa, niyabo, ngi—ngangikhuphukela kuleyondawo, ngoluny’usuku, ukulungisa phezulu ethuneni. Ngangigqoke ipheya lamabhuzu, ngihamba. Futhi kwaqhamuka imoto endala ngemuva kwami, yama. KwakunguMnu. Isler, usigele wezwe. Wagxumela ngaphandle kwemoto. Washosholoza wabe esebuya. Wangigaxa, wathi, “Billy, ngizizwa ngidabukile impela.”

Ngathi, “Kulungile, Mfowethu Isler.”

²³⁸ Wayesethi, “Bengi—bengingafanele ngime.” Ungibonile ukuthi ngangikhala izinyembezi.

Ngathi, “Kulungile, Mnu. Isler.”

Futhi wathi, “Ngizokubuza okuthize, ndodana.”

Ngathi, “Kulungile. Qhubeka ungibuze.”

²³⁹ Wathi, “Ngike ngakubona ume lapho kulelo pulpiti ngaze ngacabanga ukuthi uzofa.” Wathi, “Ngikubone uzila ukudla uze utshiloze giyakuzwela, futhi,” wathi, “ngaphakathi nangaphandle, naphakathi nangaphandle, imini nobusuku.” Wathi, “Bese kuthi-ke umkakho nengane phakathi lapho, uyabo, ubuka lezozinto.” Wathi, “Usho ukuthini uKristu kuwe manje na?” Ngathi:

Wena unguMfudlana wayo yonke induduzo
yami,

Ungaphezu kokuphila kimi,
Ubani enginaye emhlabeni ngaphandle
kwaKho na?

Noma ubani eZulwini ngaphandle kwaKho na?

²⁴⁰ Niyabo, ngilutholile loloQobo, leyoNto ethile engibambile ngenkathi leso siphepho sasisaqhubeka.

²⁴¹ Omunye wathi kimi, wathi, “Billy, uyigcinile inkolo yakho ngesikhathi senkathazo yakho na?”

Ngathi, “Qha. Ingigcinile.” Niyabo?

²⁴² Yilokho okwakuyikho. Ngangiboshelwe kuYe emahoreni lapho amandla ami ayesengasekho, futhi akukho engingakwenza. Ihange lami ligcinwe ngaphakathi kweveli leZwi laKhe ngaleya.

²⁴³ Lapho, ngezinye izikhathi angikuqondi. Ngezinye izikhathi ngicabanga ukuthi, “Yini engenza ngenze izinto engenzayo na?” Kukhona Okuthize okungaphakathi kimi, kushaya umthambo kimi. Angikwazi ukukuyeka ukukwenza, mfowethu.

²⁴⁴ Ngiza ePhoenix, ngelinye ilanga, ngokuzimisela ukuthi ngeke ngigadle futhi kunoma iyiphi inhlango. Into yokuqala niyazi, umbono ugadlile phambi kwami, ubusuku bokuqala,

futhi ngazibona ngiphendukela ngasogwadule. Okuthile kungijikisile, kungikhombisa ibandla elikhulu kakhulu, elidala, ibandla elibandayo, wathi, “Hlala *lapho*, ngaphambi kokuba uye *lapho*.” O, he! Kukhona engingakwazi ukugwema ukukwenza. Kuluqobo olungaphakathi kimi. Kungaphezu kwempilo yami, kimi. Yebo. Angisakwazi ukukuguqula njengoba bengingakwazi ukuguqula umbala wamehlo ami. Angikwazanga ukukwenza.

²⁴⁵ Manje, ngomusa waKhe, ngiboshelwe kuYe, Lowo owasho, njengoba Enza ezinsukwini zikaMose, “NGINGUYE.”

²⁴⁶ UMose, niyazi, wayenoqobo. Ngesikhathi wayesezansi lapho, wayenayo yonke isayense yezenkola umuntu angaba nayo. Futhi wazama kanzima. Wayeyindoda yezempi. Walunguza ngamafasitela. Futhi ngokukholwa...Lalelani. Manje, khumbulani. “Ngokukholwa, uMose wabheka ihlazo lika—likaKristu njengengebo enkulu kunamagugu aseGibhithe.” Wayenokukholwa kulokho ayekwenza. Wayekukholwa ngokuphelele. Wayazi ukuthi wayekhuliselwe leyohliso. Kepha wehlukela. Waphuma ukuyokhulisa izimvu. Futhi wahluleka.

²⁴⁷ Kodwa ngolunye usuku, emuva kwingemuva logwadule, wafika oQobweni. Wafika endaweni lapho ahlangukhona khona neNto ethile yangempela. Kwakukhona isihlahla esiVuthayo. Akafunganga ukuthatha amahlamvu futhi ehlele endaweni yokucwangela yesayense, ukubona isizathu sokuthi kungani engashanga. Wavele wahlala phansi ngaKuso. “Khumula izicathulo zakho, Mose.”

²⁴⁸ “Ngizokwehla futhi ngibuze umelusi wami, ‘Uthini ngaLokhu na?’” Akazange abe nesikhathi sokwenza lokho.

²⁴⁹ Ufanele akhumule izicathulo zakhe. Futhi lapho ezwa phakathi Lapho, kwakukhona iZwi likaNkulunkulu ophilayo, elalikuleso sihlahla. “NGINGUYE ENGINGUYE. Ngiyasikhumbula isithembiso saMi engasenza no-Abrahama. Ngiyasikhumbula isivumelwano saMi, futhi Ngiyehla ukuba ngibakhulule.”

²⁵⁰ Manje, khona-ke, wayenoQobo. Wayeboshelwe kulokho inqobo nje uma wayephila, kwamyisa eZulwini. Wayeboshelwe kuloloQobo, akunandaba ukuthi wathini omunye wosiyazi benkolo. Wayengadingi noma ngubani ukuba amchazele Khona. WayeLazi. Wayehlangane noNkulunkulu, nePhimbo, leyoNsika yoMlilo enkulu eyamhola ehlane, futhi yathi ngqu ezweni lesethembiso. LeyoNsika yoMlilo phakathi lapho, yayinePhimbo kuYo, futhi leloPhimbo laliyiPhimbo likaNkulunkulu elaqinisekisa iZwi. Amen.

Ngiyethemba anilele manje. Qaphelani.

²⁵¹ LeyoNsika yoMlilo yakhuluma iZwi, futhi yaLiqinisekisa, ukuLenza likhombise ukuthi ucaphune umBhalo. “NginguNkulunkulu owenza isithembiso ku-Abrahama. NginguYe. Yileyo inkinga ngo-Israyeli. Yileyo inkinga ezansi

lapho. Ngiyasikhumbula isithembiso saMi, futhi seNgehlile ukuze ngibone ukuthi sekwenziwe.”

²⁵² UNkulunkulu usebenzisa umuntu kuphela, ukusebenza ngaye. Akazisebenzisi izinhlango. Akayisebenzisi imishini. Wayengakwenza. Kepha, Wakhetha umuntu. Kunjalo. Wayengakhetha izinkanyezi, umoya, noma yini, ukuba ukushumayela iVangeli. Kodwa, Wakhetha umuntu. Akaziguquli Yena uqobo. Uhlala efana njalo.

²⁵³ Wakhetha iGazi ngensindiso. Imfundo noma lutho okunye oluyoke luthathe indawo yaLo. IGazi liyindlela efanele kaNkulunkulu yensindiso. Yiqiniso lelo.

Futhi manje, ngifuna niqaphele, Akaguquki.

²⁵⁴ Ngenkathi Ekhuluma noMose, Wathi, “Mose, Ngiyakuthuma ezansi lapho. Kodwa, ngaphambi kokuba uhambe, Ngifuna ukufakazisa kuwe ukuthi NginguNkulunkulu.” Wathi, “Uphetheni esandleni sakho na?”

Wathi, “Induku.”

²⁵⁵ Wathi, “Yiphonse phansi.” Futhi yaphenduka inyoka. Waphinde wayicosha. Yabuya, induku.

²⁵⁶ O, ngenkathi uMose efika endaweni lapho abalingisi bakhuphuka khona, bezama ukulingisa! Lapho ephonsa induku yakhe phansi, wayesethi, “Lapha, Faro, ngizokukhombisa ukuthi uNkulunkulu uthe angenzeni. Ngizophonsa lenduku phansi, bese uyibuka iphenduka inyoka.” Kwenzeka.

²⁵⁷ UFaro wathi, “Nginabo labo bafo, nami. Ihlelo lami lingakwazi ukukhiqiza lokho.” Ngakho-ke, beza futhi bathola abalingisi abathile.

²⁵⁸ Wenzani uMose na? Wama khona lapho. Ngani? Wayehlangane noNkulunkulu. Wazi ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu. Wayenze ingxenye yakhe. Isikhathi sikaNkulunkulu sokunyakaza-ke. Wahhala khona lapho.

²⁵⁹ IBhayibheli lathi into efanayo iyophinda ezinsukwini zokugcina, “Ngokuba njengoba oJane noJambre bamelana noMose.” Yiqiniso. Niyabo?

²⁶⁰ Kodwa wama lapho. Wabe-ke esebona isandla sikaNkulunkulu sehla, naleyo nyoka yaginga zonke ezinye zazo. Nake naqaphela ukuthi zaba yini lezozinduku na? Zaba sesiswini sale nduku eyodwa. UMose wahola abantwana bakwa-Israyeli badabula ehlane, naleyo nduku efanayo, nazo zonke lezo zinyoka ngaphakathi kwayo, ngiqagele.

²⁶¹ Ngani? Uyazi ukuthi kungani na? Ngenkathi uMose ehlangana nalesi sihlahla esivuthayo, wazi, futhi leso sihlahla esivuthayo sathi, sazifakazisa ukuthi singuNkulunkulu. Lokho kuKhanya, leyoNsika yoMlilo, lokho kwafakazela ukuthi kwakunguNkulunkulu. Futhi ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu

uyeza kuMose, ngoba, mbuke ngamandla akhe okudala. UMose wacwebezela ngaleso sikhathi ngoMlilo.

²⁶² Niyazi ukuthi ngiyaphi manje, anazi na? Impela, njengePentekoste.

²⁶³ Qaphelani, uMose wayenoMlilo. Umlilo wawukuMose. Ngoba, noma yini uMose ayisho, kwakungeyena uMose. KwakunguNkulunkulu ekhuluma. Futhi wenza isibonakaliso sakhe, ngoba iNsika yoMlilo yasuka esihlahleni yase iza kuMose. Amen.

²⁶⁴ O, mfowethu, uyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Lowo Jesu ofanayo owakhuphuka, wabuya futhi ngoSuku lwePhentekoste, ngesimo sikaMoya oNgcwele noMlilo. Kufanele kube phezu kwabantu, kwenza into efanayo Ayenza, ngoba Wathi Kuyokwenza. Sikuphi na? Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? UMose, uMlilo wawukuMose. Wasuka esihlahleni, weza kuMose.

²⁶⁵ Sizama ukufaka uMlilo esithandweni somlilo. Yilokho konke esinakho. Esikudingayo uMlilo kaMoya oNgcwele, leyoNsika yoMlilo efanayo eyahola u-Israyeli. Impela.

²⁶⁶ O, wena uthi, “Manje, Mfowethu Branham, bengizoqaphela ngalokho.”

²⁶⁷ Manje, awume kancane. Ngenkathi uPawulu, isazi sezenkolo esikhulu esasinenala yesipiliyoni, kodwa endleleni eya eDamaseku, futhi washaywa walahwa phansi. Wabheka phezulu futhi kwakukhona leyoNsika yoMlilo. Wayazi ukuthi kwakukhona uNkulunkulu. WayeKubonile Kuqinisekiswa eBhayibhelini, KwakunguNkulunkulu. Futhi yena baMbiza, “Nkosi.” Wathi, “Nkosi, Ungubani Wena na? Ngingenzani na?”

Wathi, “NgingeJesu.”

²⁶⁸ Lokho kwakuxazulula. UPawulu wayenoQobo. Wayazi ukuthi uNkulunkulu weTestamente eliDala kwakunguJesu Kristu weLisha. Wagxiliswa okwehange khona lapho-ke, futhi akukho lutho olufanele lumnyakazise. Impela. Wayenesiqinisekiso. Kungani na? INsika yoMlilo efanayo eyahola abantu baKhe baphuma eGibhithe bangena kwa-Israyeli, bangena ePalestine, leyoNsika yoMlilo efanayo yayimi lapho izisho ukuthi inguJesu Kristu. Wase-ke azi ukuthi wayekuphi. Khona-ke wayeselungele. Ngokushesha nje lapho esephulukisiwe futhi wagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, wayeselungele ukuhamba. Niyabo?

²⁶⁹ Kodwa, wayenoQobo. Lwahlala naye, phambi kuka-Agripha nawo onke amadoda amakhulu angalezo zinsuku, nabesifazane. Wama lapho enxusa iZwi. Kungani na? Wayazi ukuthi iZwi lalinguNkulunkulu.

²⁷⁰ Ubani owabhala incwadi yamaHeberu na? UPawulu, impela. Wayephefumulelwe ukuba akwenze. Kodwa kungani na?

LeyoNsika yoMlilo eyahlangana naye yayikuye. Yilesi sizathu wayekwazi ukubhala.

²⁷¹ Yilesi sizathu uMose wabhala izincwadi ezine zokuqala zeBhayibheli, ngoba, leyoNsika yoMlilo. Wayezokwazi kanjani ukuthi ukudala kwaqala kanjani na? Wayezokwazi kanjani ngalaba abanye na? Ngoba, leyoNsika yoMlilo efanayo eyayikuye, eyayisesihlahleni, yaphuma esihlahleni futhi yaba kuye. Futhi kwaqinisekiswa futhi kwafakazelwa ukuthi kwakuYiyo. UKora nabo bafuna ukuqala inhlangano emelene naYo, kodwa akusebenzanga. Kwehluleka. UMose wayenalolo Qobo.

²⁷² UPawulu wayenoQobo olufanayo, iNsika yoMlilo efanayo, uMoya oNgwele ofanayo, uNkulunkulu ofanayo, hhayi ukuthi “Ngangikhona,” noma “Ngiyoba khona,” U “NGINGUYE,” e-hhe, inkathi yamanje, njalo.

²⁷³ UJoshuwa wayenoQobo. Yilapho ahlngana khona noKaputeni oyiNhloko, ibutho likaKaputeni oyiNhloko wakwa-Israyeli. Futhi Wamtshela ukuba “amashe azungeze izindonga.” Babeqiniswe bonke ngaphakathi. O, ndoda, ukhuluma ngokuthi, kunzima ukungena na? Kunzima ukuba nemvuselelo phakathi lapho, ngoba akekho owayezomvumela angene. Babevaleliwe bonke, kuye. Kodwa wahlangana noKaputeni oyiNhloko. Wamtshela ukuthi enzeni. “Yembathani zonke izikhali zikaNkulunkulu, futhi niqhubeke nimasha.” Amen. “Izindonga zizowa.” Futhi lapho abantu bememeza, futhi amacilongo ebethwa, lokho kwakuluqobo lwakhe. Wangena waqonda emkhankasweni wakhe ngaleyonkathi, khona kanye e—eJeriko. Impela. WayenoQobo, iZwi lika, elivela kuKaputeni oyiNhloko.

²⁷⁴ UJohane, ngenkathi eseyinsizwa, futhi wazi ukuthi wayefanele aziqeqeshe. Wayezo—wayezokwethula uMesiya. Wayenguye. Wayengazi nhlobo ukuthi WayeNgubani. Wayekhona ndawondawo. Futhi uJohane wayazi ukuthi wayengeke nje athathe isipiliyoni sasekolishi. Wayefanele abe noQobo. Wayefanele abe nokuthile ukuba kube iqiniso ngokuphelele.

²⁷⁵ Manje, bazalwane, ngifuna ukunibuzwa okuthize. Befundisi, kungesikho ukuba ngehluka, kungesikho ukuba ngidelele, kepha ukwethembeka, anicabangi ukuthi yilolusuku, kuzo zonke lezi zinxushunxushu esiphila kuzo, sifanele ukuba—sifanele ukuba siqiniseke ngalento na? Kunokwehluka okuningi kakhulu.

²⁷⁶ Futhi uJohane wayazi ukuthi wayefanele aqiniseke ngokuphelele, ngakho-ke akaze aye isikole sikayise. Akukho lutho okwashiwoyo ukuthi wabuyela emuva ukuba afundele ukuba ngumpristi. Kepha waya ehlane, futhi wayesehlane kwaze kwaba ukubizwa kwakhe.

²⁷⁷ Wasefika-ke, nezixuku zazimi lapho. Wayeqiniseke ngempela ukuthi uMesiya wayesosukwini lwakhe, ngoba

kwakunguye lowo owagcotshwa ukwethula loMesiya, ngoba uMalaki 3 washo njalo. “Ngizothuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi. Futhi sizolungisa indlela.”

278 UJohane wayazi lapho ayemi khona. Akunandaba ukuthi bangaki abapristi ababengathi, “Uqonde ukusho isikhathi, sikhuphukele lapha, umhlatsshelo wansuku zonke kuzoqedwa nya ngawo na?”

279 Wathi, “Kuyofika isikhathi lapho iWundlu likaNkulunkulu lizofika khona, lokho kuzosusa umhlatsshelo.” Emi odakeni, namadevu ebusweni bakhe, ukuthi ungabalekela endlini yakho namuhla. Kwakukhona. . . Niyabo?

280 UNkulunkulu akekho ezingeni nasebukhazikhazini, njengoba sizama ukuMfaka, nathi bantu bePentecostal. UNkulunkulu usentobekweni.

281 Nakho lapho ayekhona, emile. Mbhekeni. Futhi wayethula. Yena, wathi. . . Wayenesiqiniseko kakhulu ukuthi Wayelapho, wathi, “Kukhona oYedwa omi phakathi kwenu, Eningamazi nokumazi.” O, he! Ukusola okunje pho! “Kukhona Oyedwa phakathi kwenu, khona manje, Eningamazi.”

282 Ngiyazibuza uma bekungazwakala kungukuthuka kungcwele ukuba bengimlingiselile okomzuzu. Mhlawumbe kungcono ngingakwenzi. Oyedwa phakathi kwenu, eningamaziyo. Nizisho ukuthi niyaMazi, kepha animazi. EGolgotha, babulala yena kanye uNkulunkulu lowo ababezisho ukuthi babemkhonza. BabengaMazi.

UJohane wathi, “Kukhona Oyedwa phakathi kwenu, futhi animazi Yena.”

283 Futhi ngolunye usuku wabuka phandle lapho, futhi walibona impela iJuba lehla livela eZulwini, nePhimbo. Akekho omunye owaLibona. Akekho omunye owaLizwa. Kodwa waLibona, futhi Laliwuqobo; hhayi uProfessor Jones, noma omunye umuntu. Kwakungukuthi, “Lowo engiyakubona uMoya wehla futhi uqhubeka kuye, Nguye ozobhaphathiza ngoMoya oNgcwele noMlilo.” Lokho kungukuqinisekiswa kobuNkulunkulu kukaNkulunkulu kukwenza kanjalo. Kwakuluqobo. Kwakungekho—kungekho mbuzo emqondweni kaJohane. Kwakulapho-ke, ncamashi nje lokho uNkulunkulu athi kuyokwenzeka. Nakho lapho kwaba khona. Ngakho-ke, lelo Juba phezu kwaleyo Ndoda ejwayelekile lali—laliwuqobo lukaJohane. Wayazi ukuthi kwakuyiqiniso.

284 Manje sengizovala ngokusho lamazwi ambalwa. Anicabangi ukuthi sidinga uQobo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Anicabangi ukuthi sidinga okuthile okungokwangempela na? Impela. Sidinga okuthize, lokho okuthile ongakwazi ukuthi, “*Lokhu yiKho-ke*,” ubeke izandla zakho kukho. “*Lokhu yiKho*,” siyabona. Sizokwenza kanjani na? Wonke umuntu uthi, “*Lokhu*

yiKho-ke. *Lokhu* yiKho-ke.” Kodwa lokho kufanele kube ngokomBhalo, impela.

²⁸⁵ Ake ngininikeze nje into encane yomuntu siqu ngaphambi kokuba ngivale. Mfowethu, dade, lapho ngithatha ukukhetha kwami, ukuthi ngabe ngifuna ukuhlala nebandla leBaptisti, noma ini. Lihle nje njenganoma yiliphi—noma yiliphi lawo, kimi, isigejane samadoda nje sihlanganiswe, okulungile. Kodwa lapho kufika isikhathi lapho bekufanele bangitshele khona ukuthi bengifanele ngixegise eZwini, manje, lokho, angenziwanga ngalokho. Qhabo. Niyabo? IZwi lingelokuqala. Niyabo?

²⁸⁶ “Awu,” bathi, “uma ungakwenzi *lokho*, ngeke usaba yilungu lebandla leBaptisti.”

²⁸⁷ Ngathi, “Angikwenzi. Akusilo ibandla leBaptisti elangisindisa. KwakunguJesu Kristu, niyabo, owangisindisa.”

²⁸⁸ UngokokuGcina kwami. UnguKuma kwami. UluQobo lwami. UyiSigxobo sami sokubophela. Ngimi lapho-ke.

²⁸⁹ Manje, uma ngininto engalungile, khona-ke uNkulunkulu akasoze akuqinisekisa. Kepha uma uthole into elungile, uNkulunkulu ubophezelekile ukukuqinisekisa. Nakho lapho ukhona. Futhi lobo ubufakazi bakho. Niyabo? Uma kulungile, uNkulunkulu ubophezelekile ukufakazela ukuthi kulungile. Uma kungalungile, Akazukuhlanganisa lutho nakho.

²⁹⁰ Ngakho-ke, ngiyakhumbula, emva kwemvuselelo yami yokuqala. Ngangisezansi emfuleni, ngibhaphathiza. Ngakhipha umuntu weshumi nesikhombisa. Umkami, intombazanyana imi osebeni ngaleso sikhathi. (Ngangingakaze ngishade nomkami wokuqala oshowashona.) Futhi wayelapho-ke, osebeni. Futhi bonke babemi lapho, amakhulu namakhulu abantu, yebo, izinkulungwane ezine noma ezinhlanu, mhlawumbe ngaphezulu, phansi naphezulu osebeni lomfula, kushisa impela ntambama ngoJuni.

²⁹¹ Ngaphuma emanzini, futhi ngathatha umuntu ozongenela, cishe umuntu weshumi nesikhombisa, ukumbhaphathiza. Nganginamakhulu cishe amahlanu, emva kwemvuselelo yami, ukubhaphathizwa. Futhi ngaphuma emanzini nalomuntu. Ngaqala ukuphakamisa isandla sami. Ngathi, “Baba waseZulwini, njengoba ngi. . .”

²⁹² Futhi cishe ngalesosikhathi, Okuthile kwanginyakazisa. Ngacabanga, “Kukuphi na?” Ngaqalaza. Wonke umuntu wayegebise amakhanda abo, o, kude ngangalapho engangingabona khona. Emuva le osebeni, kwakukhona, o, izimoto nabantu kunqwabelene kuzo zonke izindonga, nezinto. Ngaphinda ngabheka. Ngezwa iPhimbo lithi, “Bheka phezulu.” Futhi ngangesaba ukubheka phezulu. Ngangiseyinganyana nje. Sinesithombe saKho.

Ngathi, “Baba. . .”

Okuthile kwathi, “Bheka phezulu.”

²⁹³ Ngehlisa isandla sami. Lomfo osemncane, engangizombhaphathiza, wangibuka ebusweni. Wathi, “Awu, Mfowethu Bill?”

Ngathi, “Ukuzwile Lokho na?”

Wathi, “Qhabo.”

Ngathi, “Baba waseZulwini. . .”

Wathi, “Bheka phezulu.”

²⁹⁴ Ngabheka phezulu, *kanjena*. Futhi kwehla kuvela esibhakabhakeni kuza iNsika yokuKhanya izulazula izungeza, iPhimbo livela kuYo, libhonga, yehla. Lathi, “Njengoba uJohane umBhaphathizi wayethunyelwe ukwandulela kofika kokuqala kukaJesu Kristu, nawe-ke uthunyiwe.” O Nkulunkulu! Ngakubheka lokho kuKhanya. NgangiKubonile, kusukela ngisengumfanyana.

Ngazama ukutshela abantu. Bathi, “Uyasangana.”

²⁹⁵ Kodwa ucwaningo lwesayensi, uGeorge J. Lacy ongasekho, ngenkathi ehlola, ngenkathi bethatha isithombe saYo, nakho la Yayikhona, ngokufanayo nje. Kuboniswe esithombeni. Ubufakazi besayensi bufakazela ukuthi Kuyikho. Kimi, ayikaze ingitshele into eyodwa kodwa impela kulomBhalo.

²⁹⁶ Ngenkathi, ngiwubonile lowoMlilo futhi ngawuzwa, futhi ngabona wonke umuntu ememeza, equleka, futhi ewa, ebuka lapho, futhi ekhomba kulokho kuKhanya. Iphepha, iphepha laseLouisville, liphethe isihloko esikhulu. Kwaya kwe-Associated Press, kulo lonke iCanada, yonke indawo, “UkuKhanya okuyimfihlo kubonakala phezu komfundisi wendawo weBaptisti ngenkathi ebhaphathiza.” *Okuyimfihlo*, “kuzima ukukuqonda.” BaKuthathe kangaki na? Ngokujwayelekile wonke umuntu olapha, ngiqagele, unakho ekhaya lakho. Kukhona lapho eWashington, DC, kunelungelo lobunikazi njenge “iSidalwa kuphela esingaphezu kwemvelo esake sathwetshulwa, sathwetshulwa ngokwesayensi.”

²⁹⁷ KwakuYini na? Lokho kukhanya okufanayo, lelo Phimbo elifanayo, lakhuluma lathi, “UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla naphakade.” Kuyiphimbo elifanayo. Kimi, YiNsika yoMlilo efanayo eyayingemuva ngaleyo, ngoba Yenza imisebenzi efanayo. UJesu wathi, “Ngivela kuNkulunkulu futhi ngiya kuNkulunkulu. Kuseyisikhashana nezwe lingabe lisaNgibona.” Weza. Wathi, ngenkathi Elapha emhlabeni, emkhosini, Wathi, “NGINGUYE ONGUYE.” Wena uthi. . .

²⁹⁸ “Awu, Wena awukevi eminyakeni engamashumi amahlanu ubudala, kodwa, Wena uthe, uthi Wena ‘wabona u-Abrahama?’”

Wathi, “Engakakabi bikho u-Abrahama ngaNGIKHONA.”

²⁹⁹ Nakho la Ayekhona. KwakuYini na? Lokho kuKhanya, lowo Mlilo, lowo Nkulunkulu, lowo Moya. uNkulunkulu unguMlilo ovuthayo. UngukuKhanya. Futhi nakho la Kwakukhona, phakathi, wabonakaliswa kuJesu Kristu. Yabuya lapho uJesu evuka ethuneni.

³⁰⁰ Kodwa ngosuku Ahlangana ngalo noPawulu, ehlela eDamaseku, Yena wayephendukele kuNkulunkulu futhi, ngokuba Wathi, “NginguJesu, Omhluphayo.”

³⁰¹ Bazalwane, ningalali. Aniboni yini ukuthi lowo Nkulunkulu ofanayo uphakathi kwethu njengamanje, ezifakazisa Yena uqobo, ukuthi uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade? Lolo uQobo lwami.

³⁰² Akakaze angitshela into eyodwa...Uma Angitshela into eyodwa eyayiphambene nalomBhalo . . .

³⁰³ Angikaze ngibe namuntu ozoma phambi kwami namanje aphikisane naKho. Umfo wathi wayezoya, ngesinye isikhathi, futhi akazange akwenze. Akaqhamukanga. Wayenengqondo engcono kunalokho engangicabanga ukuthi wayenakho. Wazi kangcono kunokwenza lokho. Niyazi, umfo owavuka ngesinye isikhathi emhlanganweni, ukukwenza, wayekhubazekile. Bamthwala bamkhipha.

³⁰⁴ Angikaze ngidingeke ngikhathazeke nakancane, ngoba ngikholwa ukuthi uQobo lwami yiZwi likaNkulunkulu. Libonakalisiwe. Phezu kwaLokhu ngizobeka umphefumulo nomzimba wami. Kungani na? Akakaze angitshela lutho ngaphandle kwalokho obekungokomBhalo ngokuphelele. Akazange asho into eyodwa kimi, ngaphambi kwanoma yimuphi wenu . . . Ngizothatha noma yimuphi wenu ukubeka icala. Wake Wakutshela noma yini eGameni leNkosi ngaphandle kwalokho okwenzeka na? Kunjalo impela.

³⁰⁵ Kuyini na? Kungukuthi, “Phezu kwaleli dwala,” phezu kwaleliZwi. Yileyo ndlela eyodwa engithola khona isambulo. Kuvela kuYe OLebulayo. Ngingongafundile. Angizami ukutadisha, angizami ukuLazi. Ngenza nje njengoba Angitshela. Manje-ke, uma Engikhombisa, ngibuka *lapha*, futhi nakho La likhona. Angizange ngisho ngiLibone, futhi *nakhu* la Likhona, futhi Lizibonakalisa lona ngokwalo. Lolo uQobo lwami. Lungigcinile phansi yonke leminyaka. Bazalwane, Luyangisiza lapho bengingenayo enye indlela yokusizwa.

³⁰⁶ Ngifuna ukufa ngaLo. Lapho ngifika esikhathini sokufa, ngiyethemba, njengoMose, ngiyalibona lelo Dwala limi ngaleya. Ngifuna ukunyathela kulo, futhi ngibe nababathwali bebhokisi lomngcwabo ukuba bangithwale ngiye kude.

³⁰⁷ Kuze kube yilesi sikhathi, ngizophila ngeqiniso kuleloZwi, ngakho-ke ngisize, Nkulunkulu, ngoba lokho uQobo lwami, nenhliziyo enegqubu hhayi kunoma ngubani, ngothando nomusa kubo bonke. Uma lokho kungalungile, uNkulunkulu

angangishaya ngife ngimi kulelipulpiti. Anginalo igqubu ngokumelene nomunye umuntu. Ngithanda wonke umuntu.

³⁰⁸ Futhi anazi yini, ngabe nake namufunda uJohane wokuQala 4:17, ukuthi wena ufanele ube nokuqondiswa okunjalo, ukwenza uthando lwangempela ngesikhathi sokwahlulela na? Akusikho ukuba wehlukile. Luthando. Uthando luqinile, futhi uthandoo luyajezisa.

³⁰⁹ Indoda, ezovumela umkayo aphume futhi agijime ubusuku bonke nabanye abadakiwe, angene, ngokusa okulandelayo, ithi, “Yebo, dali, ngiyethemba ukuthi ube nesikhathi esimnandi,” uyizaba ezimbi zendoda. Noma yiyiphi indoda eyovumela umkayo aphume lapho egqoke izikhindi, nalezi zingubo ezindala zokubhukuda, amabhikini, noma ngabe kuyini, kulele phakathi kwalaba bantu, nginamathemba amancane ngawe ngisho nokuba yindoda. Kunjalo.

³¹⁰ Indoda ayilinganiswa ukuthi zingakanani izinkonyane zayo, ukuthi ingakanani imisipha yayo. Ilinganiswa ngesimilo sayo. Kunjalo impela. Futhi isimilo sivela eZwini likaNkulunkulu, futhi lokho kuphela.

³¹¹ Futhi noma yimuphi umshumayeli ozisho ukuthi ungumshumayeli, ephika leloZwi, yisimilo esincane sikaNkulunkulu lapho, kimi. Amen. Kungaba ngamathemba athile uma ezokwazi ukulalela isikhashana. Ya. Manje, angifuni ukuphinde ngigxeke futhi. Niyabo? Ngiyanithanda, futhi ngisho lokho.

³¹² Kodwa lelo uQobo lwami, bazalwane, leliZwi, ISHO KANJE INKOSI. Futhi uyazi ukuthi kuliqiniso lelo.

³¹³ Ngangiqalaza ngifuna uMfowethu Carlson, ukubona ukuthi ubesalokhu ehlezi lapha. Ngicabanga ukuthi usehambile. [Omunye uthi, “Henry?”] Yebo. Ube kade ekhuluma lapha, esikhashaneni esedlule.

³¹⁴ Wayekhona lapho eChicago ngenkathi lesosigejane seGreater Chicago Ministerial Association, ngani, izinsuku ezimbili noma ezintathu, yayizongidonsela phakathi lapho bese ingikama ngaphezu kwamalahle, ya, kwezinye izinto engangizifundisa ngaLokhu kanye nalezi zinto. Futhi ubusuku obuthathu ngaphambi kokuba kwenzeke, uMoya oNgcwele wangivusa wathi, “Dlula ngalapho bese uma ngakulelo fasitela.” Ngahamba, kwaba khona umbani ukubanika. Wathi, “Bakubekele ugibe, kepha ungalhuleki ukuhamba. Ngizoba nawe.”

³¹⁵ Ngathatha uMfowethu Carlson, uMfowethu Tommy Hicks. Nonke niyamazi. Siphethe iteyipu yakho khona lapha. Futhi babefuna ngihambe ngokusa okulandelayo, ukudla isidlo sasekuseni nabo. Ngehla ngaya eTown and Country, futhi sahlala phansi lapho. Ngangicabanga ukuthi ngizovele ngikame uTommy. Ungumngane wami omuhle, umfowethu oyigugu.

Ngathi, “Tommy, ngifanele ngihlangane nalabo befundisi.” Ngathi, “UnguDokotela wezobuNkulunkulu. Indlela yami yokungazi endadlana yokukhuluma,” ngathi, “Angikwazanga ukuhlangana nalabo bafo. Ngeke wangenzela lokho na? Ngikwenzele umusa omningi.”

Wathi, “O, bengingenakukwenza, Mfowethu Branham.”

³¹⁶ Futhi uMfowethu Carlson, bona, babhekana komunye nomunye. Ngathi, “Nicabanga ukuthi ningifihlela lokho na? Ngiyazi ukuthi kungani ningeke nikwenze.” Ngathi, “Lalelani. Kungenxa yokuthi leyoNhlango inokuthile abazongibuza ngakho.” Futhi bobabili babebukeka sengathi bangawa kwiphansi.

³¹⁷ Futhi ngenkathi sebekwenzile, ngathi, “Impela, kunjalo. Kepha, ake ngikutshele, Mfowethu Hank.”

³¹⁸ Uhlezi lapha ndawo ndawo manje. Ukhona ngalapha. [Umfowethu uyakuqinisekisa—Umhl.] Futhi ngakho-ke uhlezi khona lapha. Ngathi, “Mfowethu Hank. . .” Mvumele afakaze. [Omunye umzalwane uyakuqinisekisa.] Kanjalo nathi sisanda kukhuluma ngakho, esikhashaneni esedlule, phakathi lapho.

³¹⁹ Ngathi, “Mfowethu Hank, lalela. Uqashe lelo gumbi lehhotela, angithi? Kodwa ISHO KANJE INKOSI, bazokwenqaba.”

Yena wathi, “Mfowethu Branham, banediphozithi yami.”

³²⁰ “Angikhathali ukuthi uhlanganise ini. Ngeke ulithole. Sizongena endaweni. . .Leyo enegumbi eliluhlaza, futhi *leli* ngelinsundu. Futhi uDkt. Meade uzohlala phansi lapha, *nos'bani-bani*,” futhi ncamashi nje lapho bezobe behleli khona. Futhi ngathi, “Angifuni wena uzame ukudonse noma yiziphi izibhakela wenzele mina. Vele ungethule nje ezethamelini, bese ungededele genze konke.” Wathi. . .

³²¹ Futhi ngalokho kusa ngenkathi ekhuphukela lapho, wonke umuntu ehlezi nje ncamashi. Bayikhansala indawo. Futhi kwakumele athole indawo eTown and Country laphaya, uku—ukuthola indawo, igumbi elinsundu, ncamashi nje. Nakhuya kuhlezi uDkt. Meade nabo bonke abanye, indawo nje ukuthi ba. . .

³²² Ngabheka ngakuye, noMfowethu Tommy Hicks wangibheka. Yena—yena—yena—yena wathi, “Mfowethu Branham, ngizwa sengathi ngiyaquleka.” Futhi wathi. . .

Ngathi, “Ungakhathazeki.”

³²³ Futhi ngakho-ke uMfowethu Carlson wasukuma, wathi, “Manje, ngiyazi abaningi benu madoda azophikisana noMfowethu Branham, nezinto ezinjalo,” kodwa wathi, “kukhona into eyodwa, akasabi ukuma lapha.” Futhi wathi, “Manje, ngizokuphendulela kuye.”

324 Ngathi, “Manje, yilowo nalowo kini, nakhu enimelene nakho ngami.” Futhi ngabiza, izinto ezine noma ezinhlanu ezehlukene. Ngathi, “Ngifuna umuntu othile athathe iBhayibheli laKhe bese eza lapha, ame eceleni kwami futhi aKuphikise. Impela. Futhi uma ungeke ukwazi ukukwenza, suka emva kwami.” E-hhe. Kunjalo. Yebo, mnumzane. Yebo, mnumzane. E-hhe! Kunjalo. [Ibandla lishaya ihlombe—Umhl.]

325 Ngangimi ngaleya eBombay, eNdiya, ngento efanayo, ngenkathi impumpethe imi lapho. Labo bemilingo nakho konke okunye kuhleli laphaya, futhi bona, amadoda angwele, nabakaMohamede, nabakaBuda, konke. Ngase ngiwubonile umbono ukuthi lendoda eyayizothola ukubona kwayo. Ngathi, “Makuthi, omunye wenu bantu laphaya, wozani lapha niyinikeze ukubona kwayo. Ngibungaziwe namuhla yizinkolo eziyishumi nesikhombisa ezahluhluhlu, futhi yilowo nalowo kini uphika uJesu Kristu.” Ngathi, “Uma inkolo yakho inkulu kangako, woza unikeze lendoda ukubona kwayo.”

326 Ubungathini na? Wayekhonzisa ilanga. Njengo, uMoya oNgwele, kodwa babecabanga ukuthi Kwaku “ngukufunda ingqondo,” niyabo, futhi ngangi “funda umqondo wabo.”

327 Ngathi, “Ngani, impela uNkulunkulu wendalo, uma umuntu efuna ukwenza kahle, ngokuqinisekile ukuthi uNkulunkulu wendalo uzombuyisela esimweni sakhe esikahle.”

328 Ngangingeke ngikusho lokho, ngeze, ukube ngangingabonanga lokho kwenzeka embonweni. Kodwa, ngangazi, khona-ke. Niyabo? Awufuni ukuthatha okuthile okucabangelayo. Ufuna ukuqiniseka ngempela ngempela ukuthi uqinisile, khona-ke awukhathali ukuthi kuzani noma kuhambani. Yena umi lapho kanye nawe, futhi ngakho-ke kwenza mahluko muni na? Lapho, niyazi ukuthi kwenzekani, futhi indoda eyimpumpethe yamukela ukubona kwayo.

329 Cishe izinyanga ezimbili noma ezintathu ezedlule, ngangimi ekamelweni. Ngezwa iphimbo likhuluma ekhoneni. Ngizamile ukuvusa umkami, ukulibuka lapho. Lapho, bekulokhu kuhamba ngaphambi kwalapho, bekuyinto eyesabekayo imile lapho embhedeni, ingimangalela. Ngemuva kokuthi Esengitshelile. . . Ngangibone imamba enkulu igijima. Leyo yinyoka yase-Afrika, futhi yayizama ukubulala abantu, futhi yayilandela umfowethu. Futhi ngamemeza kakhulu, “O Nkulunkulu, ngingenzani na?”

330 Wathi, “Unikwe amandla okuyibopha.” Wathi “Yiba nesibindi esihle.”

331 Ngakhuluma nayo. Futhi umsila wayo wakhuphukela emoyeni, futhi yazungeleza, futhi, njengalesi sibambo sembiza lapha, futhi yaziklinya yaze yafa. Intuthu eluhlaza sasibhakabhaka yaphuma kuyo.

332 Ngakusasa ekuseni, ngenkathi ngivuka, ngangilele lapho. Ngathi, “Kungcono ngivuke bese ngiyisa abantwana esikoleni.”

Ngabuka ngaleya, futhi kwaba naleyo ebukeya iyimfihlo. Kubukeka sengathi kwakungupopayi u-Alley Oop ephetheni elihlekisayo, izimpondo ezinkulu kakhulu ziphuma kuye. Wayehamba, ezwakala njengesikhukhukazi sikukuza, noma—noma sicula, sengathi ziphuma ehhokweni. Futhi ngakubuka.

Ngathi, “Meda, Meda, s’thandwa.” Futhi akazange avuke.

³³³ Ngacabanga, “Ya, lokho kuzomsabisela ukufa.” Ngilinde lapho umzuzu nje, futhi ngama futhi ngabuka.

³³⁴ Abantu bakhuluma ngodeveli, futhi abazi ngisho nokwazi ukuthi bayini, ngesinye isikhathi. Kunjalo. Kepha ugijimela kubo ungene ngekhandu, nsuku zonke, mhlawumbe, kodwa uzokwenza. Qaphelani.

³³⁵ Futhi emva kwesikhashana, wayengimangalela. Wathi, “Awunawo amandla noNkulunkulu. Uyakhohlisa nje. Awunawo amandla.”

³³⁶ Ngathi, “Sathane, uyicala kimi. Suka endleleni yami, eGameni likaJesu Kristu.” Futhi wahamba.

³³⁷ Ngacambalala lapho kancanyana, embhedeni. Ngaqala ukuphakama, ngazizwela umuzwa omnandi ngempela ufika phezu kwami. Ngacabanga, “Angazi uma uMoya oNgcwele useduze na?” Futhi ngale ekhoni. . . Ngakho-ke ngisizeni, nali iBhayibheli lami liphezu kwenhliziyoyami. IPhimbo elimnandi kunawo onke engake ngalizwa empilweni yami, lathi, “Ungesabi ukuya noma yikuphi, futhi ungesabi ukwenza noma yini, ngokuba uBukhona bukaJesu Kristu obungahluleki neze bunawe nomaphi lapho uya khona.”

³³⁸ Lokho kwakuxazulula, kimi. Bayeke babe nolaka. NginoQobo. Ihange lami libambelele ngaleya, ngoba yiZwi likaNkulunkulu ophilayo. Amen. Ya.

NiyaMkholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

³³⁹ Uma ungenalo loloQobo manje, Luthole. Uma ungathanda ukuba naloloQobo, lesi siqiniseko enhliziyweni yakho sikaMoya oNgcwele, phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngifuna okuthize okuzogcizelela iZwi likaNkulunkulu, futhi ngingalibona iZwi likaNkulunkulu libonakaliswa.” Amen. UNkulunkulu anibusise. Kugcwele isakhiwo sonke. Ngiyabonga.

³⁴⁰ Ngikutshela iQiniso kuphela, mngani. UngaLivumeli likwedule. Angizisho ukuthi. . . angiyilutho. Ngingumfowenu. Ninganakil lutho esithunyweni. Bhekani uMlayezo. Ningabheki isithunywa. UNkulunkulu uzokususa kini. Uzokwabelana ngenkazimulo yaKhe namuntu. Kunjalo. Ningasibheki isithunywa. Bhekani uMlayezo.

³⁴¹ Uma indoda igijima ingene lapha, ingahle ibe mnyama, phuzi, nsundu, mahhadlahhadla, uma inesheke lakho

lokukhipha imali ebhange lezigidi zamadola, ubungeke ukhathalele ukuthi imbala muni noma ibigqoke kanjani. Ngumyalezo enawo wakho.

³⁴² Manje, ungabheki ukubhalwa nokukhulunywa kolwimi kwami ne—nezinto. Wena nje khumbula ngikutshela ngoJesu Kristu Olapha manje. Mkholwe ngenhliziyo yakho yonke. Ungahluleki ukuMkholwa.

³⁴³ Ngibhekile manje ukubona ukuthi Uzongitshela ini. Gcinani nje amakhanda enu akhotheme bese niqala ukukhuleka. Yibani nokukholwa nje. Ningangabazi.

³⁴⁴ Manje, Baba waseZulwini, konke kusezandleni zaKho. Ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, khona manje nje, ukuthi abesilisa nabesifazane phakathi lapha bangahle baqonde ukuthi akuyona into elula ukuyenza, ukuba ngumuntu ofayo futhi uhlala phakathi kwabantu, uhlala nabantu. Ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi bazokuqonda lokhu futhi bazi ukuthi inceku yaKho i—izama ukukhuluma ngaWe. Futhi ngitholile ukuthi Uyaligcina iZwi laKho, Nkosi. Ngithole ukuthi kuyiqiniso. Ngithola ukuthi Wena neZwi laKho niyefana.

³⁴⁵ Futhi Ungithwale ngokuphepha kwaze kwaba lapha, Baba. Uma... LeyoNgelosi Leyo abantu abayibonile, futhi babona ukuKhanya kwaYo, IseNsikeni yoMlilo. Nkosi, ngayo yonke inhliziyo yami ngiyakholwa ukuthi YiNkosi yethu uJesu. Ngikhulwa ukuthi InguMoya waKhe, uMoya oNgewe, sonke esimkhonzayo futhi esimkholwayo.

³⁴⁶ Nkulunkulu, kwangathi singehluleke ukuYiqonda manje, futhi kwangathi singaqonda bese siyabuya. Futhi kwangathi ibandla lingazihlanza. Kwangathi onke amahlelo. Baba, angikhulekeli ukuthi Uzowahlukanisa lawo mahlelo. Kepha ngikhulekela ukuthi uMoya oNgewele uzongena kulokho kuqokwa, futhi bayoba babona izinto ehlukele, ukuthi bonke bangaba munye, ubuzalwane. Siphe khona.

³⁴⁷ NgiyaKubonga ngobambiswano lwabo oluhle, Nkosi. Ukube bekungengaWe kulokhu, bekungebe khona muntu ongivumela ukuba ngingene. Kodwa, Wena, Wena ungiyiphemusa kulaba befundisi. Ngikhulekela ukuthi Uzobabusisa, Nkosi. Ngiyabakhulekela, ikakhulukazi, bonke.

³⁴⁸ Ngikhulekela uMfowethu Williams. Nkosi, muphe isifiso senhliziyo yakhe. O, ngikhulekela ukuthi Uzomsiza, yena noDadewethu Williams, ne—nezifiso zabo. UMfowethu Shakarian, uDadewethu Shakarian, bonke laba baphathi lapha, baleli qembu elikhulu lamakholwa Owabizile aphuma, kuleli izinsuku zokugcina, ukuthwala umlayezo ukuhlanganisa abazalwane ndawonye, Nkosi, kwangathi bangelokothi neze babe yihlelo. Kwangathi bangahlala bekhulekile kuzo zonke lezo zinto, bese bevula izingalo zabo bengenisa bonke abazalwane abazelwe nguMoya. Siphe khona.

349 Busisa onke amaqembu. Babusise i-Oneness, ne—ne . . . nawo onke amaqembu amancane ahlukahlukene, Nkosi, anemibono yawo eyehlukahlukene, a—abakaMthathu emunye, nalabo abakholwa ukuthi uNkulunkulu mubili, nokuthi uNkulunkulu mthathu. Futhi uNkulunkulu u . . . O, noma ngabe yini abayikholwayo, Nkulunkulu, bazise ukuthi kunoNkulunkulu oyedwa weqiniso, uJesu Kristu uyiNdodana yaKhe. Futhi siphe khona, Nkosi, ukuthi bazokwazi ukuqonda lezi zinto, ukuthi asinabo oNkulunkulu abane noma abahlanu. SinoNkulunkulu oyedwa e—emahhovisi amathathu; uNkulunkulu ofanayo, kuYise, iNdodana, noMoya oNgewe. Kwangathi banga . . . Kwangathi isambulo singakhanya phezu kwabo namuhla, Nkosi.

350 Kwangathi lokhu kuqophisana kungayeka ukuqhubeka. Futhi kwangathi abesilisa nabesifazane bangakwazi ukuhlangana ndawonye, futhi babe munye kuKristu, ngokuba amahora asehambe kakhulu manje ngalezi zingxabano nezinto ezincane.

351 Ngiyakukholwa Wena. Futhi ngiyakholwa, Baba, konke Owakumisela ngaphambili ukuba kuze eMpilweni kuzolizwa iPhimbo laKho bese kuza. “Izimvu zaMi zizolizwa iPhimbo laMi.” Futhi ngikhoholwa ukuthi Uzosipha khona, Nkosi. Babusise manje.

352 Kukhona izandla eziningi phakathi lapha, lapho mhlawumbe izandla ezingamakhulu amabili phezulu emoyeni, abebefuna ukukwemukela Wena njengoMsindisi wabo, futhi bebefuna ukukwemukela Wena njenge—njengolwabo—olwabo—uQobo lwabo, into ethile abebengabeka ukholo lwabo phezu kwayo, ukuthi yona kanye inhliziyo yabo izogcizelela lonke iZwi futhi kulibonakalise. Siphe khona, Baba. NgeGama likaJesu Kristu, ngiyakucela.

353 Manje, niseselapha ndawonye naleli qembu elincane, ngifuna nina nikhuleke. Futhi angikaze ngikwenze lokhu, kodwa ngizwa ngiholeleka ukukwenza. Qhubekani nje nikhuleka.

354 Futhi bangaki kini abantu lapha abangaziyo na? Futhi wena uyagula noma unesidingo, sakho noma omunye umuntu, phakamisa izandla zakho. Ukuthi uyangazi, futhi uyazi ukuthi ngiyakwazi, phakamisa izandla zakho, yonke indawo. Niyabo? Kubukeka nje nxazonke. Manje, yehlisa izandla zenu phansi.

355 Manje, labo owaziyo ukuthi awungazi, nami angikwazi, phakamisa izandla zakho. O, namanje, yonke indawo, akunandlela ukubehlukanisa ngokwehlukana.

356 Manje ngifuna nikhuleke, nikhuleke ngobuqotho. Ungangabazi manje. Khuleka nje. Futhi ake sivumele uMoya oNgewe . . .

357 Manje, uma ngikhulume lezi zinto, manje, nazi okuhle nakahle akunakwenzeka ngokuphelele kimi ukwazi ukuthi

ungubani, oyikho, noma nanoma yini ngakho, okungalungile ngawe. Kodwa kwenzakalani na? Akakaze uJesu ethembise into efanayo ngosuku lokugcina na? Akashongo yini lapho, ngenkathi Ethu, “Njengoba kwakunjalo emihleni yaseSodoma?”

³⁵⁸ Ngenkathi uNkulunkulu ebonakaliswa enyameni, leyoNdoda yeza lapho, iNdoda nje, idla inyama yenkomo noma ithole, iphuza ubisi, nesinkwa. Futhi Yona yathi, “Uphi uSara na?”

Wathi, “Usetendeni, emva kwaKho.”

³⁵⁹ Futhi Yasho lokho Eyayizokwenza. Yathi, “Ngizovakashela.” U-Abrahama waYibiza ngo-*Elohim*, Nkosi Nkulunkulu. Futhi Yathi . . .

USara uhlekele ngaphakathi.

³⁶⁰ Futhi Yathi, “Uhlekeleni uSara na?” Ifulathele ngomhlane waYo etendeni.

UJesu wathi, “Njengoba kwakunjalo . . .”

³⁶¹ Niyabo, kwakukhona ibandla lemvelo, ibandla lemvelo, okwakunguLoti neqembu lakhe. BabenoBilly Graham wanamuhla owehlayo lapho, na—nanjalonjalo, no-Oral Roberts kanye nabo, bebabiza baphume. Benza isimangaliso, kakhulu, ukushaya impumputhe. Bashumayela iVangeli.

³⁶² Futhi kwakukhona abaseSodoma. Kuhlala kunamaqembu amathathu abantu. AbaseSodoma, niyabona ukuthi benzeni.

³⁶³ Kodwa abakhethiweyo, ipentekoste, ababizwa kanjalo, lowo kwakungu-Abrahama, labo asebehumile eGibhithe, asebevele baphumile eSodoma, behleli emazweni, emazweni ampofu. Niyabona ukuthi hlobo luni loMlayezo abanalo na?

³⁶⁴ Manje bhekisisani, namuhla, sake saba nini isikhathi na? Ngitshele lapho isikhathi esake saphumela eSodoma.

³⁶⁵ Khumbulani, lowo kwakungu-Abrahama, A-b-e-r-h-a-m-a, noma A-b-r-a-h-a-m-a, njalo.

³⁶⁶ Sake sabakhona nini isithunywa esake saya emabandleni amahlelo endawo nomuntu ophetha igama lakhe ngo h-a-m, G-r-a-h-a-m?

³⁶⁷ Kuthiwani ngakho eqenjini lepentekoste na? Akukaze kwaziwe emlandweni. Ngingene kukho kamuva nje, ngihlola amagama.

Wena uthi, “Amagama awasho lutho.”

³⁶⁸ Kungani uSawulu khona-ke washintshwa igama lakhe laba nguPawulu na? Kungani uSimoni kuPetru na? Kungani uJakobe ku-Israyeli na? Impela kunjalo.

³⁶⁹ Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Ungayishayi indiva into uNkulunkulu azama ukukunika yona. Manje khulekani. Nithi, “Nkosi Jesu, yiba nomusa.”

³⁷⁰ Uma ngingenaphutha, nisakhothamise amakhanda enu, ngibhekile lapha. Ngicabanga ukuthi lowo nguDadewethu Carl Williams ohlezi ngapha kwesokudla sami. Ngabe kunjalo, Nkk. Williams na? Ngi...Ngapha, uDadewethu Carl Williams na? Bekubukeka njengokuhlala kwakhe laphaya ngakwesokudla sami. Bengingaqinisekile. Ngabe ngikwenze kwacaca na? Ngicabanga ukuthi bekungenjalo.

Ngizama ukubona umuntu engimaziyo.

³⁷¹ Ngigqalaza, ngibona uMfowethu noDade Dauch behlezi lapha, kodwa bavela ebandleni.

³⁷² Ngabe lowo nguNkk. Outlaw ongapha ngakwesobunxele sami na? Yilokho ebengicabanga ukuthi nonke beniyibo, nimi lapho. Nkk. Outlaw, ngiyakwazi wena. Ungumuntu engimaziyo. Ngifuna ukukubuza okuthile. Awungibheke ngqo. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu na? Uyakholwa ukuthi lezi zinto engizifundisayo yiQiniso na? Manje, Nkk. Outlaw, angikhulumanga nawe njengoba ngazi, isikhathi esingaphezu konyaka, selokhu ngangilapha ngaphambili. Qhabo, ngiyakholwa ukuthi ngikuvayiselile, ngolunye usuku, endaweni yokudlela.

³⁷³ Bheka lapha kimi. Kepha unomthwalo enhliziyweni yakho, akuningi kakhulu ngawe, kepha okomunye umuntu. Lowo ngowesifazane osemncane. Ngumalokazana wakho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakwazi ukungitshela ukuthi yini inkinga ngalowomalokazana na? Uthi ukuba nenkathazo yamankanka, futhi ubuye abe nokwethuka, ngempela, ukwethuka kwangempela. Kulungile. Musa—musa ukukhathazeka. Kuzomshiya. Ukuzwile ngaso leso sikhathi, ehlezi lapha. Ya. Kuzomshiya.

³⁷⁴ Yiba nje nokukholwa. Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."]

³⁷⁵ Nanti inenekazi lihlezi phansi ngqo phambi kwami lapha, isihambi ngokuphelele. Kodwa anikuboni lokho kuKhanya kulenga phezu kwalo na? Lihlushwa ubuthakathaka emzimbeni walo. Lona, alisiko elalapha. Livala eCalifornia. Ngiyisihambi ngokuphelele kowesifazane, kodwa uyazi ukuthi ngikhuluma naye manje. Uyakubona lokho kuKhanya kulenga phezu kwakhe na? Ngi...angimazi, angikaze ngimbone. Kodwa igama lakhe nguNkk. Elliott. Uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyoy yakho, yana ekhaya, usinde. Uyakukholwa na? Kulungile. Manje, uma ngiyisihambi nakho konke, yayizisa isandla sakho, futhi, *kanjalo*. Niyabo? Phakamisa isandla sakho, futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyoy yakho, ubone ukuthi ngabe lokho kunjalo yini. Yiba nokukholwa.

³⁷⁶ Nanti inenekazi lihlezi ngqo phambi kwakhe, eceleni ngqo, kufanele kube ngumyeni wakhe. Lihlezi lapho nalo, futhi linenkathazo ngemisipha yalo. Banamalumbo kuwo. Lokho

kunjalo. Yebo, memu. Nkk. Darwich, uma ukholwa ngenhliziyo yakho yonke! Uyakholwa na? [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Nakho lapho okhona. Angikwazi wena, angikaze ngazi igama lakho noma lutho ngalo, kodwa lelo yiqiniso. Akunjalo na? Futhi ubuhleli lapho, uthi, “Nkosi, makube yimi.” Niyabo? Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho emuva naphambili, *kanjena*. Vayizisa isandla sakho uma lokho kunjalo. Kulungile.

³⁷⁷ Nakho lapho okhona. Angikaze ngilibone empilweni yami. UBaba waseZulwini uyazazi lezo zinto ukuthi ziyiqiniso. Kunjalo. Kuyini na? NguJesu Kristu. Kwenza na? Yilokho impela Athi kuyokwenza ezinsukwini zokugcina.

³⁷⁸ Manje, uma lokho kunjalo, futhi uNkulunkulu ekwenza, ekhombisa ukuthi kunjalo, khona-ke iZwi engilishumayelayo liyiqiniso, ngoba uNkulunkulu ofanayo egcina iZwi laKhe. Kholwa eNkosini.

³⁷⁹ Shiya izindlela zakho ezintukuntuku. Suka kulezi zinto ezikukuhudulela ngaphandle, njengeHollywood, lezi zinto zikuhudula njengawo onke amanye amabandla. Buyela kuNkulunkulu, bese uthola uqobo oluzobamba ihange lenhliziyo yakho.

³⁸⁰ Bangaki abangathanda ukuba nalesosipiliyoni noKristu na? Sukuma ume ngezinyaweni zakho khona lapha eBukhoneni baKhe, lapho owazi khona ukuthi Yena Ulapha. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Manje, lokho kulungile. Manje, lokho kuyamangalisa. O, he! Angazi ukuthi ngithini.

³⁸¹ Uma nonke lapha nizowemukela lowoMlayezo, ukuthi uJesu Kristu ulapha nathi! “Isikhashana nezwe, abangakholwayo, ngeke basaNgibona. Nokho, niyoNgibona nina. Ngizoba nani, ngibe kini. Imisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza.” “UJesu Kristu unguyena izolo, namuhla naphakade.” Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Awu, niyaMbona esebenza, ncamashi lokho Akwethembisa.

³⁸² Manje, Ulapha. Ukuphela kwento ofanele uyenze, ngukuthi ungakwenzi nje. . . Zibeke phansi nje bese uthi, “Nkosi Jesu, manje sengizimisele enhliziyweni yami, kusukela kulelihora kuqhubeka, ngingowaKho, futhi Wena ungowami. Futhi ngifuna lesisehlakalo enhliziyweni yami, ukuthi ngingakwazi ukukhuluma iZwi laKho, iZwi laKho lizophila. Futhi engikucelayo, ngikholwa ukuthi kuzokwenziwa.” Niyakufuna na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

³⁸³ Khona-ke asiphakamisele nje izandla zethu kuNkulunkulu futhi sikhuleke, sonke manje, wonke umuntu. Bese kuthi-ke ngifuna uphakamise isandla esisodwa, bese ubeka isandla kumuntu othile oseduze kwakho. Kunjalo. Kulungile.

Business Men, uNkulunkulu anibusise njalo, abe nani!



UQOBO ZUL63-0127
(An Absolute)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ntambama, ngo Januwari 27, 1963, wenzelwa ingqungquthela yeFull Gospel Business Men's Fellowship International eRamada Inn ePhoenix, eArizona, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2021 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org